# *ISIBOSHWA*

Lapha futhi, eGameni leNkosi uJesu, nokuzwa imisebenzi emikhulu nenamandla Oyenzile, ngaphambili. Futhi manje simi simagange, kuvusa ukukholwa kwethu futhi kusigcoba, ukuba sikholwe ukuthi okuceliwe kulobubusuku kuzonikezwa. Wena ukwazi ngakunye ngakunye kwakho konke, konke abakucelile. Futhi siyabakhulekela, ikakhulukazi, Nkosi, labo asebeseduze kakhulu kokufa. Letha ukuthula emphefumulweni wabo uma kungakabikho vele lapho. Letha ukuphiliswa emzibeni wabo. Siphe khona, Nkosi.

2 Busisa ukuza kwethu ndawonye. Si—siyakhuleka, Nkosi, kulomhlangano womkhuleko wasebusuku bangoLwesithathu, ukuthi, njengoba sibuthene, sazi ukuthi nomaphi lapho kuhlangene ababili noma ngaphezulu, Uyoba nathi. Futhi siyaKucela, Nkosi, ukuba usiphe iZwi laKho kulobubusuku. Khuluma kithi, Nkosi, futhi ufudumeze izinhliziyo zethu, ngokumangazayo, ukuthi sizokwazi ukuthi siziphathe ngesandla esiqinile kanjani thina uqobo ngokwesikhathi esikhulu esisihlalele ngaphambili, njengoba sikholwa ukuthi sisondela ekuFikeni kweNkosi.

3 SiyaKubonga ngabantu manje sebeqala ukufumana ukukholwa okuthandekayo kubo, nokwazi ukuthi ukukholwa kusho ukuthini. Nokwazi, ngisho nokuKubonga ngezinkonzo ezisengaphambili, sikholwa ukuthi Uzokwenza okuthize. Nkosi, silinde ngokuba magange, njengezinsuku zakudala, sikholwa ukuthi isikhathi sesiseduze lapho Uzovele nje uphakamise amasango eZulu futhi uthulule izithembiso uNkulunkulu azethembisile ngalolusuku lokugcina.

4 Manje siyaKucela, Nkosi, ukuba—ukuba ube nabo bonke, ezizweni jikelele, njengoba namhlanje sizwe abaningi kakhulu jikelele, ndawo zonke, osekudingeni. Baphe izicelo zabo, Nkosi. Futhi sikhulekela ukubona isandla esikhulu sikaNkulunkulu sihamba ezweni lonke jikelele phakathi kwalabo ababheke lento enkulu.

5 Sithethelele isono sethu. Silaye, Nkosi, ngoMoya waKho neZwi laKho, ukuze sikwazi ukuziphatha ngesandla esiqinile thina uqobo, izinceku ezilalelayo, izinceku ezilalelayo entandweni kaNkulunkulu. Asikhumbule, futhi sizame ukucabanga ezinhliziyweni zethu, okwenziwe ngamaKristu asekuqaleni. Ukuthi hlobo luni lwabantu esasiyohlangana nalo ukuba sasihlangane nalabo ababekade bexhumene naWe siqu sabo. Ukuthi ubuso babo bufanele ukuthi bacwazimula kanjani ngokukholwa nenjabulo. Ukuthi kufanele ukuthi izimpilo zabo zazikanjani yiZwi likaNkulunkulu eliphilayo, nje “izincwadi

ezilotshiwe ezifundwa ngumuntu wonke," lapho behamba bengena naphakathi kwabantu. Nkulunkulu, siphe khona kanye futhi.

6 Kwangathi izimpilo zethu zinganikelwa kakhulu kuWe, ukuthi uMoya oNgcwele uzoziphilela Wona uqobo ngathi, futhi ukhulume ngathi, Nkosi. Kwangathi singakhumbula, emiqondweni yethu, lapho sihamba phezu kwesitaladi futhi sigudlane ngezingalo nezwe, asifanele sifane nalabo. Futhi sibuyela eceleni futhi sibanike indawo, Nkosi, nendawo yabo eyiyonayona efanele lapha emhlabeni. Sizothatha isihlalo esingemuva, sazi ukuthi siyizithunywa ezingamanxusa avela kwelinye izwe. SinoMbuso ozobusa, Nkosi. NoMbusi wethu omkhulu uzofika masinyane ayithathe yonke imibuso esekubuseni kwaKhe. Futhi Uyobusa futhi aphathe; naYe lapha emhlabeni, iminyaka eyinkulungwane, futhi sibe naYe kuze kube phakade.

7 Nalokhu emqondweni, Nkosi, manje silindele impendulo yomkhuleko wethu. Sibheke ekuvumeni kwethu. Uma senze noma yini, sasho noma yini, noma sacabanga noma yini, ebiphambene nentando yaKho enkulu, iGazi likaJesu Kristu malisihlanze.

8 Sihole, Nkosi, njengoba udade eshilo kulobubusuku, mayelana naye nomyeni wakhe emgwaqeni kuyiwa eChicago. Bahole, Nkosi Nkulunkulu, baye endaweni Ongabasebenzisa kuyo, ukuze babe yizinsika zokukhanya kwabanye abadukuza ebumnyameni, ongayazi iNkosi yethu uJesu. Manje sinikela inkonzo kuWe, futhi silalelele iZwi laKho lokuqondiswa, ukuze sazi ukuthi sililungiselele kanjani lelihora elikhulu, eGameni likaJesu siyakucela. Amen.

[Akuqoshwanga eteyiphini. UMfowethu Neville uyaphawula—Umhl.]

INkosi ikubusise. Ngiyabonga, mfowethu.

9 Bengithe ukungakulindeli lokhu kancanyana. Mina, ngilapha ekhaya, ngizizwe sengathi kungathi bengingadingekile ngempela ukuba ngiye ndawondawo, okuphuthumayo, bengingazizwa ngiphatheke kabi impela, mina ngihlezi ekhaya futhi ngingezi emhlanganweni womkhuleko. Futhi ngithe nje qathatha ngangena, ngingalindele, kimi uqobo, ngisho nasemndenini wami. Ngisanda kungena nje, futhi ngasuka ngasubatha. Futhi ngakho ngathi, "Ngiyehla ngiya emhlanganweni womkhuleko." Futhi ubengenaso ngisho nesikhathi sokulungiselela ukuza, ngakho ubengazi ukuthi bengiza.

10 Ngakho ngiyajabula ukuzwa ubufakazi bukadade lapho, umfowethu, ngalokho kuKhanya enhla eSouthern Carolina noma eNorthen Carolina, ndawondawo. EGreenville, kwakuyiyo

na? [Udade uthi, “Qhabo. ESouthern Pines.”—Umhl.] ESouthern Pines. Yebo.

11 UMfowethu Lee Vayle ubelapha nje namhlanje. Ngimbhaphathizile, namhlanje, enkonzweni yombhaphathizo lapha namhlanje. UMfowethu Lee Vayle niyamazi, nabefundisi lapho, UMfowethu Parker Thomas. Kukhona . . .

12 Ngiyakhumbula nge—ngesikhathi, udade esibekelwa yisithunzi. Kwakungukuqinisa okukhulu, dade, kulokho oku . . . UMoya oNgcwele ngezinye izikhathi uyosiyeka siqhubekele phambili futhi uvivinye ukukholwa kwethu, ukubona ukuthi ini, futhi uvivinye ukukholwa kwabanye. Uma ubuka ngqo entweni ethize, futhi ubone into ethize, bese uyayisho; abanye bayabuka futhi bangayiboni, bathi ayikho lapho. Niyabo? Kodwa ilapho.

13 Manje, kwakungekho-muntu owayengabona ukuthi lokho kuKhanya kwakulenga phezu kukaPawulu, kodwa Kwakulapho. Akukho-muntu obone lelojuba lehlela phansi livela eZulwini, likulokho-kuKhanya, ngesimo, futhi lalenga phezu kukaJesu, kodwa uJohane qobo lwakhe. Kodwa Kwakulapho. Niyabo?

14 Futhi ngakho, kwase kuthi-ke, kamuva ngenkathi ngangitshela abantu ngalokhu ukuKhanya kunjengeNsika yoMlilo, akukho-muntu owayefuna ukukukholwa. Kodwa manje iso langokomshini lekhamera lakukhomba Lokho, ukuthi Kufika kanjani.

Nomoya omubi mnyama.

15 Kufana nezimpilo zethu nje, siyizithunzi. Futhi si . . . Uma singukukhanya, lapho uma izimpilo zethu zihambisana nokuKhanya kosuku, sihamba ekuKhanyeni.

16 Kufana nje nokuthi ubuka phandle bese uthi, “Ngibona ilanga,” ngesikhathi sasemini. U—ubona isithunzi selanga. Kungukuboniswa kwelanga. Akusilo ilanga, qobo lwalo, kodwa kufakazisa ukuthi likhona ilanga. Kufakazisa ukuthi likhona ilanga.

17 Futhi manje uma ngibona, njengani nihlezi khona lapho, nisebenzisa iziphephetha-moya, nixoxa, lokho kuchaza ukuthi niyaphila, kodwa kuphela kuyisithunzi sokuphila.

18 Ngoba, noma yini izofanele ibe nobumnyama kuyo, ukwenza isithunzi. Niyabo? Ngoba, isithunzi sizofanele sibe nobumnyama obungaka nokukhanya okungaka, ukwenza isithunzi. Futhi kungeke kwaba mnyama ngakho konke, futhi kungeke kwakhanya ngakho konke. Uma kumnyama, kumnyama ngempela. Uma kukhanya, akukho-sithunzi, akukho lutho lokwenza isithunzi. Kodwa uma kuxutshwe nobumnyama nokukhanya, kwenza isithunzi.

19 Ngakho ngempela siyizithunzi zokukhanya. Manje nibonisa ukuphila okuvela ndawondawo. Uma unjalo, futhi ungumKristu, lokhu kungokuyisithunzi, kufakazisa kuphela

ukuthi kukhona ukuPhila lapho ongeke wafa khona, ngoba lokhu ukuphila kunokufa kukho. Niyabo? Kodwa kuyisithunzi, ngoba uyaphila, isidalwa esinyakazayo sinamakhono okubona, ukucabanga, ukunyakaza, nokuxoxa, nemizwa emihlanu yomzimba. Kodwa nokho niyazi, bona, bayafa. Futhi kunenkathazo eningi kakhulu. Uyazi, kungaba kuphela yi. . . Kungukubonisa, niyabo, ukuthi kukhona ukuphila nokufa kuxutshwe ndawonye.

20 Okomzimba kuzofanele kufe. Kodwa uma ubonisa, ngokuphila kwakho okusazokufa, ukuKhanya kwaseZulwini, khona-ke ubonisa ukuPhila okuPhakade, uNkulunkulu. Manje-ke uma ufa, akukho okunye ongakwenza ngaphandle kokuya kulokho kuKhanya, ngoba yiLokho okubonisile.

21 Uma ungowasezweni elimnyama, ubonisa lokho, futhi ungenza, ayikho enye indlela ongaya kuyo kodwa ebumnyameni. Uyabo? Ngakho sisekuboniseni. Ngakho, siyakubona lokho. Futhi impela njengoba uMoya oNgcwele ubonisa ukuKhanya nokuPhila, kanjalo nokufa kubonisa ubumnyama.

22 Futhi nampa bobabili. Kusas-. . .Ngokuphela kweviki, mhlawumbe ngeSonto, sithola isithombe esishuthiwe esincane sikhuliswe saba ngusayizi omkhulu, ngakho singabekwa ebhodini lezaziso.

23 Lapho, isithombe *sakho* silenga phandle lapho ebhodini lezaziso. Angazi noma nisiqaphelile yini noma qha. Bese kuthi-ke. . .

Cishe sekuphele iviki, e—eJamaica, lapho engangenza khona umsebenzi wokuba yisithunywa senkolo. Sithumela amateyipu emhlabeni jikelele. Nethi *IziMpawu eziyisiKhombisa* ibuyele e. . .emuva le emazweni aseJamaica, le maphakathi. Futhi kuseyisidala kakhulu emuva phakathi lapho, emva kweBlue Mountain. Nabomdabu, ngezinye izikhathi, bane—nesiqopha-mazwi esibatholela sona, odingeka ukuba—ukuba, njengeVictrola endala, uyiwayinde, bese-ke uyidedela—dedela idlale kanjalo. Bese-ke, njalo emizuzwini embalwa, ukhona ozofanele ayiwayinde.

24 Leliqembu laline—nebetri encane, ibetri engu siksi-volti, noma into ethize enye, lidlala isiqophamazwi. Futhi bonke ba—babehlezi ndawonye, cishe ngaleli elilapha kulobubusuku, lilalele lezo*Zimpawu*, ngikholwa ukuthi kwakuyizo. Futhi ngenkathi ngisakhuluma, baqaphela, kungena endlini, kwafika leNsika yoMlilo efanayo, yawelela lapho okwakukhona khona isiqophamazwi yase ihlala phansi phezu kwaso. Futhi bahamba base bethatha ikhamera base beshutha isithombe saYo. Futhi Efanayo nje, Nanso, ilenga khona lapho phezu kwaso. Manje siyasikhulisa, ukuze sisibeke e—ebhodini yezaziso phandle lapho, ukuze nikwazi ukusibona.

25 Sinokubonga kakhulu ngomusa kaNkulunkulu olethwe kokwethu...kithi eBukhoneni baKhe ngalolusuku. Manje sinokubonga ngezinto eziningi.

26 Manje ngicabanga ukuthi ngizobuka phakathi lapha bese ngibona ukuthi ngingawathola yini amanye, amanye amanothi noma amanye, enye into ethize engakhuluma ngayo. Noma, sizitholele olunye uhlobo lwe—lwe...Nginenye indikimba ebhaliwe, empeleni, emuva lapha encwadini. Uma ngingayithola eyodwa, mhlawumbe iNkosi izonginika into ethize ukuba ngiyisho nento ethize, sisakhuleka.

Manje simagange ngeSonto.

27 Kade ngikhuluma emiLayezweni. Futhi, ngeSonto, nginihlalise lapha isikhathi eside, ngothi, "Ukhalelani kiMi na? Khuluma kubantu futhi uqhubekele phambili."

28 Manje, ngeSonto yinkonzo yokuphilisa lapho ogulayo ezokhulekelwa khona. Manje, ufika ngakwabagulayo, futhi kuzofanele kube nesizathu esithize sokuthi abagulayo, uma sibakhulekela, uma bengaphiliswa. Futhi ngifuna ukuba, uma iNkosi ithanda, kube nje yintshumayelo emfishane ngeSonto ekuseni, futhi. Ngakho, ngizoba nenkonzo yokuphilisa, futhi ngikhulekele bonke abantu. NoBilly Paul noma omunye wabo uzoba lapha ngeSonto ekuseni, cishe ngelesishiyagalombili nqo, uma indlu yokukhonzela isivulwa, ukunikeza abantu amakhadi lapho bengena emnyango, kumbe noma yinini lapho bengena.

29 Futhi manje, bese-ke, ngifuna ukuzama, ngikholwa ukuthi iNkosi ngandlela thize inginike okuncane ukubona okusithekileyo ngezizathu zokuthi kungani kunabanye abantu abangaphiliswa. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi kungukushoda kokuqonda. Futhi ngi—ngiyakholwa, mhlawumbe, sizokhuluma ngalokho, ngeSonto ekuseni, iNkosi ivuma.

30 Manje, umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku ungumhlangano omfishane nje lapho esibuthana khona bese sikhuleka, njengoba sinawo, futhi sihlangane ndawonye.

31 Ngezinye izikhathi, ngi—ngikholwa ukuthi enye yezinto ezinkulu engiyithola ngalolusuku, ngukushoda kobuqotho kwalokho esikukholwayo. Niyabo? Niyabo? Uma uNkulunkulu, ngezinsuku zikaJohn Wesley, wayekwenze ngalolosuku kulokho Akwenze namhlanje, ngabe kwenzani; ngezinsuku zikaMartin Luther, kumbe nani okunye na? Njengalokho esiMbona ekwenza, kokubili kufakazelwe ngeBandla, ngoMoya; nangesayense, nawo wonke umnyakazo, ukuhluzwa kwakho—kwakho kuzofanele kuvume. NeZwi likaNkulunkulu lapha liKumemezela futhi liKusho ngaphambi kokuba Kufezeke. Bese kuthi-ke kwenyukela, futhi kuprofetha, futhi kukhombisa yona impela into Ayisho. Kuzofezeka ngokuphelele, khona impela Akusho. Futhi sisalokhu sihlala sithi ukuba ngabavilaphayo, kube sengathi siyamangala. "Awu, angazi noma ngabe lokho

bekungahle ukuba kuchaza mina yini? Angazi noma ngabe bekungahle ukuba nje kuchaza i—ibandla, lilonke. Noma—noma, angazi noma ngabe ngempela ngiyabandakanyeka kuLokhu na?" Ngicabanga ukuthi, ngeSonto ekuseni, ngizozama ukukhuluma ngeminye yaleyomigomo engahle isikhanyisele kancane.

32 Manje, kulobubusuku, ngithole into ethize, nje ngiphenya kuyo lapha, ngaphambi kokuba ngehle. Ngicabangile, "Uma-ke uMfowethu Neville, uma bengingehlela lapho, kwenzeke athi, 'Sukuma ukhulume,' bese uhlala phansi nje"? Niyabo? Ngicabangile, "Kungcono ngibhale phansi imiBhalo engangemibili." Ngoba, ngiyazi, yena, ungumfowethu othandeka ngempela, futhi si—siyamthokozela.

33 Ngaphambi kokuba sikhulekele phezu kweZwi, ngifuna ukukhumbula u—umfowethu. Angikwazi ngisho nokubiza igama lakhe ngalesisikhathi, bobabili. Balapha, abangane bami. I. . .Bangabefundisi nabavangeli, ensimini, bephuma. Bayizwa lemiLayezo ngeteyipu. Futhi baphuma emabandleni amahlelo ehlukene, abafo ababili abasha. Nomfana kakhulu u, omunye wabo ukhathalele kakhulu, uze wehla ngendiza, eTucson, maduze nje, ekuvaleni umhlangano. Ngikholwa ukuthi ngangisekuDleni kwasekuseni koSomaBhizinisi. Nomfo osemncane, umfo osemncane okahle, uyehla. Futhi u . . .

34 BangabaseKansas. Futhi beza lapha besuka kude le ukuba ngibashadise. Ngiyakuthokozela lokho. Ukucabanga ukuthi abantu abakholelwa emikhulekweni yakho, ngokwenele, bakholwe ukuthi uNkulunkulu uzozwa futhi aphendule; abantu abasha besaqalisa empilweni, kanje. Futhi ngenkathi sebefike lapha ukuba ngibashadise, izolo, ukuthola umthetho wesifundazwe saseIndiana udinga, futhi ngisho nanokuba benokuhlolwa kwabo igazi, ukuba balinde lapha esifundazweni, izinsuku ezintathu, ngaphambi kokuba bashadiswe. Ngakho, bangeke bashadiswe kuze kube ngoLwesihlanu ekuseni.

35 Futhi ngizocela umfowethu lapho ekugcineni, uma ezosukuma nje futhi asitshele ukuthi ungubani, nenenekazi lakhe elincane elihle elithandekayo lapho, nomfowethu olandelayo.

36 [Umfowethu uthi, "Ngiyabonga, Mfowethu Branham. Ngibe nenhlanhla ukuba lapha. Futhi ngingu . . . Mfowethu Roger nami sakhe eKansas, sihamba ensimini, njengomvangeli, sisho, 'UJesu uyasindisa, uyaphilisa, ngokukholwa kuJesu . . .?. . .' Bengihlala njalo ngiphethe . . .?. . . Lena yingoduso yami, uPatricia Brown. Sizoshadiswa, ngoLwesihlanu. Umvangeli wami esibambisene naye nesisebenzi esibambisene naso, uMfowethu Ronnie . . .?. . . ekugcineni. NoMnu. Peetree kokufanayo . . .?. . . "—Umhl.]

37 Ngiyabonga, kakhulu. Siwafisela ngempela lamanxusa asemancane, ngomsebenzi weNkosi uJesu, izibusiso

zikaNkulunkulu, ukuziphumelelisa endleleni. Futhi njengoba ngimangala, ngilindele ukuFika kweNkosi, nokubona izinsizwa nezintombi zinenhloso enhliziyweni, ukukhonza uKristu, lokho kuyangixhuxhumisa, niyabo, ukuzibona zivuka kanje. INkosi ikubusise, kakhulu, mfowethu, dade.

38 Manje asiphenye ngale eNcwadini encane engingakaze ngikhulume ngayo ngaphambili, empilweni yami. Futhi ingekakhulu . . . Isahluko esisodwa nje, iNcwadi kaFilimoni. Futhi yi . . .

39 NgingumIrishi omncanyana nje, futhi ngi—futhi nginowaya ozongolozele amazinyo ami angezansi, ukubamba athi awabe mabili ngemuva endaweni. Ngezinye izikhathi angiwabizi kahle lamagama, uma ngazi ukuthi ayini. Futhi ngezinye izikhathi angikwazi ukuwabiza kahle, ngenxa yokushoda kwemfundo. Ngakho, "Filimoni," omunye ushilo emuva lapho, engicabanga ukuthi kuyikho ngempela ukubizwa kwalo.

40 Manje, ivesi 1, ngifuna ukuthatha nje izwi noma amabili kuyo.

*UPawulu isiboshwa sikaJesu Kristu . . .*

41 Futhi yilokho engifuna ukukusebenzisa kulobubusuku, njengendikimba, iNkosi ithanda, ithi: *ISiboshwa*.

42 Manje, kwakungal'khuni ukuba ucabange ngoPawulu ezithatha njengesiboshwa. Indoda eyazalwa ikhululekile, igcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kodwa nokho uzibiza nge "siboshwa."

43 Futhi manje siyathola, uma ebhalela abaseKorinte, "UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu." Ngesinye isikhathi, "UPawulu, inceku kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu," uma ekhuluma kuThimothewu, abehlukene. Manje uma eloba lapha kuFilimoni, wathi, "UPawulu, isiboshwa sikaJesu Kristu." "UPawulu, umphostoli," ngithanda ukushumayela ngobunye ubusuku ngalokho. "UPawulu, i—inceku," ngishumayele ngalokho. Bese kuthi-ke, "UPawulu, isiboshwa."

44 Kodwa, kulobubusuku, kungukuthi bekungathatha amahora ukunakisisa enye yezindaba, engithanda ukuyithatha, kulobubusuku, "UPawulu, isiboshwa," futhi ngithathe indaba yokuthi: *ISiboshwa*.

Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

45 Nkosi Jesu, noma yimuphi umuntu, ngokomzimba okwaziyo, angawaphenya amakhasi aleliBhayibheli, kodwa uMoya oNgcwele kuphela ongaLihumusha ngendlela elihloselwe yona. SiMcela ukuba eze manje futhi asisize ukuba siqonde ukuthi lokhu kwakuyini, wabhala, lona omkhulu, umprofethi onamandla, uPawulu, futhi nokho uzibiza nge "siboshwa." Kwangathi uMoya oNgcwele ungasembulela lokhu njengoba silinde Yena, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

46 Manje sengathi ngiyabona, uPawulu, ngenkathi eloba lencwadi iletha kuFilimoni, ukuthi wayehlezi kanjani ejele, phansi lapho emgodini oyitilongo leziboshwa walomuzi, i—i—isiboshwa. Futhi wayekwazi kahle, ngesikhundla sakhe ukuthi igama lalichaza ukuthini. Wayezungezwe yi—yi—yimigoqo yezinsimbi. Wa—wayekwazi kuphela ukukhululwa uma kukhona omkhululayo. Futhi wayekwazi ukuthi kwakuyini ukuba yisiboshwa. Futhi manje-ke, futhi, ngikholwa ukuthi u—umphostoli wayechaza nje okuncane. . . hhayi ngempela eyibhekise esimweni sakhe samanje, njengokuba yisiboshwa sobuyena—yena bangokomzimba ehlezi lapha kuleli—kulelijele. Kodwa ngikholwa ukuthi wayebhekisele kubuyena—yena, umoya wakhe—wakhe—wakhe, intando yakhe, ngokuba yisiboshwa kuJesu Kristu.

47 Manje, sonke sizalwa, singozikhethela indlela yokuziphatha, ukwenza noma yisiphi isinqumo esifisa ukusenza. UNkulunkulu ukwenza ngobulungiswa lokho. Ngoba, Ufanele abeke wonke umuntu ezisekelweni ezifanayo, kungenjalo Wabeka umuntu ongalungile e. . . Wabeka umuntu wokuqala ezisekelweni ezingalungile, Abeka ukuzikhethela indlela yokuziphatha. Niyabo? Sinjalo impela nje, kulobubusuku, njengoAdamu noEva. Akukho-kwehluka. Okulungile nokungalungile kubekwe phambi kwalowo nalowo wethu. Ukuphila nokufa, singenza ukukhetha kwethu; kukuwe, ukukwenza. Niyabo?

48 Yileyondlela uAdamu noEva enza ngayo, futhi, niyabo, futhi—futhi benza ukukhetha okungalungile. Futhi manje, ngalokho, babeka sonke isizwe, sesintu, phansi kokufa, inhlawulo yokufa.

49 Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wehla ngesimo somuntu wayesethatha lokho kufa, wayesekhokha inhlawulo yokufa, ukuthi i. . . izikhonzi zaKhe ezazifisa uku—ukuba zikhululwe zazingahamba ngokukhululeka.

50 Manje, uma Athatha thina, ngaphandle kwendlela efanayo Enza ngayo uAdamu noEva, wavele nje wasidonsela entweni ethize, wathi, "Ngizonisindisa noma ngabe nifuna ukusindiswa noma qha," wabe-ke Esebeka uAdamu noEva e—ezisekelweni ezingalungile, niyabo. Kodwa ngamunye wethu uzofanele akhethe, lolusuku, phakathi kokufa nokuphila. Singakwenza.

51 Njengoba ngizwakalisile nje, uma ukukhanya kwakho kuzofakazisa, impilo yakho izofakazisa impela ukuthi yiluphi uhlangothi ongakulo. Angikhathali ukuthi yiluphi uhlangothi othi ungakulo. Okwenzayo, nsuku zonke, kuyafakazisa ukuthi uyini. Nisizwile isisho esidala, "Impilo yakho ibanga umsindo kakhulu, angikwazi ukuzwa ubufakazi bakho." Niyabo? Izenzo zakho—zakho sibanga umsindo kakhulu.

52 Bengihlala njalo ngikholelwa ekumemezeni nasekugxumeni. Kodwa bengihlala njalo ngithi, "Ungagxumi wedlule

ongakuphila, ngoba izwe lizokuqaphela lokho.” Uyabo? Ufanele nje ugxume uphakame ngangokuphila kwakho, ngakho, ngoba ukhona okuqaphelayo. Futhi manje uma . . .

53 Abantu abayikuza ebandleni. Ba—ba, abaningi babo, abayikukwenza nje. Nabanye babo, bengezi, ngabantu abaqotho. Babone ukonakala okuningi kakhulu ebandleni, sebeze abafuni kuzihlanganisa ngalutho nalo. Futhi izikhathi eziningi, sikhuluma ngomcabango osobala walokho, kul’khuni ukuba ubasole, uyabo, ngenxa ye—yendlela abantu abenza ngayo. Bazibiza ngomKristu. Bayisikhubekiso esikhulu kunazo zonke izwe elinazo, ngowesilisa nabesifazane ozisho ukuthi ungumKristu, futhi aphile into ethize ehlukile kulokho abazisho khona. Kunjalo impela.

54 Manje, okwezindumalo eziyofika ekwaHlulelweni. Manje, isoni, ugweva, umgembuli, isiphingi, a—asiyikudumala ukuzwa isigwebo saso sifundwa, “Ukuba sisuke siye emlilweni ongunaphakade.” Asiyikudumala. Kodwa lowomfo ozama ukuzifihla emva kohlobo oluthize lokuzisho ibandla, lowo ngumfana ozodumala ngoSuku lokwaHlulelwa. Niyabo? Ozisho ukuthi ungumKristu, futhi aphile ngenye indlela ethize. Bekungangcono kuye ukuba engazange enze ngisho noma yiluphi uhlobo lokuzisho, waqala wasuka, kunokuqala bese ephila okuthize okwehlukile. Ngoba, uyisikhubekiso esikhulu kunazo zonke esinazo, ngukuba lowo ozishoyo othi u—u—ungumKristu, futhi aphile okuthize okwehlukile.

55 Njalo, ungayehluleli impilo yakho ngokuthi amandla angakanani onawo ukuba wenze izimangaliso. Futhi asizehluleli thina ngokuthi kungakanani ukwazi onakho kweZwi. Kodwa njalo zahlulele wena, ubuke emuva futhi uthatha uhlu oluqukethe impahla yonke yokuthi hlobo luni lwesithelo ukuthi impilo oyiphila okwamanje manje ithelani. Uyabo?

56 Njengoba ngashumayela esikhathini esithize esedlule, emhlanganweni wosomabhizinisi ePhoenix, eArizona, wokuboniswa kukaJesu, ubonisa ukuPhila komKristu. Ngathi ngazalelwa enhla lapha eKentucky, lapho kuyisidala impela, ikakhulukazi emuva ngenkathi ngisengumfanyana. Nalomfana omncane othize wayengakaze a—a—a—abe nekhaya njengoba sinalo lapha, lapho esasinamanenekazi amaningi kakhulu amahle adingeka azibuke ezibukweni, indlu yonke, ukugcina izinwele zawo zisendaweni nje, nokunye nokunye. Kodwa wayenesibuko esisodwa esincane, ucezu oluncane nje lubethelwe ngesipikili esihlahleni ngaphandle, lapho ibhentshi lokuwashela lalikhona, lapho unina noyise babewashela khona, futhi babekama izinwele zabo, nokunye nokunye, kulolucezu oluncane lwesibuko esidala sibethelwe ngesipikili esihlahleni.

57 Ngokukhuluma ngokusobala, lolo wuhlobo lwekhaya esinalo. Noma ubani ofuna ukubona isibuko, thina bafanyana,

sasidingeka sithole ibhokisi bese sikhuphukela ebhentshini lokuwashela, bese sibuka kulolucezu lwe—lwesibuko engalucosha, mina uqobo, lapho okulahlwa khona izibi. Lokho kwakungesikho ezansi eKentucky. Lokho kulapha eIndiana, enhla eUtica Pike lapha.

58 Manje, lomfanyana omncane wayengakaze ngempela azibone yena uqobo kanjalo. Ngakho, ufika edolobheni, ukuvakashela ugogo wakhe. Futhi e. . . Kusekuhambeni kwekamelo, ugogo wayenendlu eyayinesibuko esiphelele emnyango. Futhi ngakho, umfana omncane, egijima edabula e—ekamelweni, ubone omunye umfana omncane phambi kwakhe. Nomfana omncane wayegijima, naye. Ngakho wacabanga ukuthi ufanele ame imizuzu embalwa bese ebona ukuthi umfanyana wayezokwenzani. Futhi ngenkathi ema, umfana omncane wama. Ngenkathi ephendula ikhanda lakhe, umfana omncane waphendula ikhanda lakhe. Wenwaya ikhanda lakhe, umfana omncane wenwaya elakhe. Ekugcineni, wahamba wasondela, ukuba ahlole. Wayesejika. Nonina embukela, nokhulu wakhe, bemangele. Wathi, "Ngani, mama, yimi lowo."

59 Ngakho ngasho, ukuthi, "Thina, futhi, sibonisa into ethize." Niyabo? Impilo yethu iyaboniswa.

60 Futhi manje, ukuba sasiphila ezinsukwini zikaNowa, olukabani uhlangothi esasiyoluthatha na? Yiluphi uhlangothi esasiyoluthatha ngalolosuku olukhulu uNowa aphila ngalo na? Yiluphi uhlangothi esasiyoluthatha ngezinsuku zikaMose na? Yiluphi uhlangothi ngezinsuku zikaElija, umprofethi, lapho lonke izwe laligajwe wu—wuquqaba olukhulu lobu—lobumodeni, njengoJezebele wesimodeni, futhi wayezisuse zonke izinceku zeNkosi zaphumela endleleni yokwezwe na? Nebandla nabapristi bonke babemkhothamela. Wawuyothatha uhlangothi lokuthandwa ngabantu, noma wawuyoma noElija na?

61 Manje, futhi ezinsukwini zeNkosi uJesu, lapho esasingacabanga khona ngaloMuntu ongathandwa ngabantu, ongafundiswanga imfundo yizwe, kungekho-zikole ababengake basithole ukuthi Waya kuso, futhi kungekho—kungekho spiliyoni sasekholiji. Futhi—futhi-ke ukhula negama lokuthi "unokuzalwa ngaphandle komshado." Useyaphuma-ke, eshumayela iVangeli elaliphambene nanoma yini ababekade beyifundisiwe. Khona impela. . . Futhi egxeka abefundisi nezinhlangano zabo, kanjalonjalo.

62 Nezinhlangano zazikade zenze i—i—isitatimende, "Uma noma ubani ngisho eke waya ukuyozwa lo okuthiwa ngumprofethi, uyokhishwa esinagogeni," okwakuyi—yisono esibulalayo. Babefanele baziphendulele. Indlela kuphela ababengakhonza ngayo kwakuphansi kwegazi lewundlu. Babefanele beze kulomhlatshelo. Bese—bese-ke babeba ngabaxoshwa, futhi kwakuyinto enkulu kabi.

63 NaleNdoda yashaywa indiva njengalokho nje. Futhi nokho Yayingokuphelele nomBhalo, kodwa hhayi ngendlela ababeWazi ngayo. Yiluphi uhlangothi owawuyoluthatha na? Niyabo? Manje, unga . . . Impilo yakho oyiphilayo manje, ibonisa manje lokho nje owawuyokwenza ngaleyonkathi, ngoba usalokhu ukhwelwe ngumoya ofanayo. Niyabo? Uma uthatha lolohlangothi manje, nabo, wawuyokwenza ngaleyonkathi. Ngoba, umoya ofanayo okuwe manje wawukubantu ngaleyonkathi. Niyabo?

64 UDeveli akawuthathi neze umoya wakhe; uyasuka nje kumuntu oyedwa uye komunye.

65 UNkulunkulu akawuthathi neze uMoya waKhe, naye; Usuka komunye uye komunye. Niyabo?

66 Ngakho, wona impela uMoya owawuphezu kukaElija uza phezu kukaElisha, ofanayo phezu kukaJohane umBhaphathizi, nokunye nokunye.

67 UMoya oNgcwele, wawuphezu kukaKristu, uza phezu kwabafundi, kwehle njalo, futhi usalokhu uphezu kwabantu. Niyabo? UNkulunkulu akawuthathi neze uMoya waKhe.

Ngakho sishiywa lapho-ke, ukuba senze ukukhetha.

68 Futhi a—angiboni lapha lapho uPawulu ayezisola khona nganoma yini, futhi ethi wayezisola ukuthi wayeyisiboshwa. Kodwa wayezibhekisela . . . Ngikholwa ukuthi uPawulu, njengoba aloba lencwadi iletha ngalelopeni, ukuthi kwakunguMoya oNgcwele umbangela ukuba alobe lokho. Ukuthi, mhlawumbe, ngisho nakulobubusuku, ukuthi singayihosha ingqikithi yendikimba yethu, ukukhombisa ukuthi kungani uPawulu enza lokhu. Ngoba, kungokomBhalo, nokomBhalo kuPhakade. Ngiyakholwa, ukuthi, ehlezi kulelijele elidala elimnyama, uPawulu alobela uzakwabo lapha, ukuthi, umzalwane wakhe, ukuthi waye "yisiboshwa sikaJesu Kristu." Ngakho, wayekuzwakalisa ngokubona lokho okwakumzungezile. Manje, wayesejele, kodwa lokho kwakungesikho lokho ayekhuluma kukho, le—lenceku kaKristu, umfundisi kanye naye. Wayekhuluma ukuthi wayeyisiboshwa eZwini likaJesu Kristu, ngoba uKristu uyiZwi.

69 NoPawulu wayekade eyisifundiswa esikhulu ngosuku lwakhe. Wayenempokophelo enkulu. Wayeyi—wayeyi—yi—yindoda eyayikade iqeqeshwe ne, ngabantu, umfo ogama linguGamaliyeli, owayenguthisha omkhulu wosuku lwakhe, esinye sezikole ezinkulu kunazo zonke ayengaya kuzo. Isibonelo nje, njengoba sithi, Wheaton, noma Bob Jones, noma esinye isikole esikhulu esiqavile. Wayekade efundiswe njengo—ngo—ngomfundisi weZwi. Futhi wayefunde ngempela, ekhaliphile, nomfana onobuhlakani enempokophelo enkulu yokuthi mhlawumbe suku lumbe abe ngumpristi noma umpristi omkhulu kubantu bakubo.

70 Wayenempokophelo. Bese-ke ukuthola, ukuthi, lempokophelo enkulu ayekade eqeqeshelwe yona, futhi wayekade echithe yonke impilo yakhe, kusukela mhlawumbe ebudaleni obuthi abube yiminyaka eyisishiyagalombili noma ishumi ubudala, kuya cishe emashumini amathathu noma amashumi amathathu-nanhlanu, ngenkathi eqeda ekholiji futhi wathola iziqu; futhi wayenawo onke amadiploma akhe nayoyonke into, futhi wama ekahle nabo bonke a—abafundisi basesontweni, ngisho nakumpristi omkhulu eJerusalema. Wayeneziyalo ezivela kuye, iziyalo eziqondene naye siqu sakhe, zilotshiwe, futhi wathemba ngaloSawulu omkhulu, "Ukuba ehlele eDamaseku nokuthi athole bonke labo ezansi lapho ababekhonza khona uNkulunkulu ngokuphambene nalokho akusho, nokubabopha bese ebafaka ejele. Uma kunesidingo, wayeneziyalo zokuba ababulale, uma wayefuna ukukwenza." Waye . . . Wayenempokophelo enkulu.

71 Futhi manje, konke lokho ayekuqeqeshelwe, uNkulunkulu wayekukhiphe konke kuye. Niyabo? Nalokho inhloso yakhe eyayiyikho, nalokho uyise ayekuchithele imali yakhe, nezimpokophelo zikayise nonina, konke kwakukade kuthathiwe kwasuswa kuye ngenxa yokuthi—kuthi uNkulunkulu wayenenye into ethize. Ngakho-ke, wayeyisiboshwa enhlosweni yakhe ayekade enayo empilweni, futhi wayesephenduke isiboshwa kuJesu Kristu, OwayeyiZwi.

72 Leyondlela eya eDamaseku yamguqula uPawulu. Ehla, cishe ngeleshumi nanye nqo, mhlampe, emini, ukuthi washaywa walahlwa phansi. Futhi wezwa iPhimbo, lithi, "Sawulu, uNgihluphelani na?" Futhi wabheka phezulu. Futhi ebheka phezulu, eyiJuda, futhi wayazi ukuthi iNsika yoMlilo yayiyiNkosi eyahola abantwana bakwaIsrayeli, ngoba wayazi ukuthi Yayiyilokho.

73 Khumbulani, lomHeberu wayengasoze abiza noma yini nge "Nkosi," igama elikhulu N-k-o-s-i, Elohim, ngaphandle uma wayekade enelisekile ukuthi lokho yilokho Okwakuyikho, ngoba wayeyisifundiswa esikhulu esiqeqeshiwe. Futhi ngenkathi ebheka phezulu, futhi wakubona Lokhu, ukuKhanya, iNsika yoMlilo eyayihole abantu bakubo bedabula ehlane. Wayesethi, "Nkosi," Elohim, igama elikhulu N-k-o-s- . . . "Nkosi, UnguBani na?"

74 Futhi kufanele ukuthi kwaba yisimangaliso kanjani kulosiyazi wezenkolo, ukuba ithi, "NginguJesu," yena impela Lo ayemelene naye kakhulu. Ukujika okunje—okunje pho! O! O! Kufanele ukuthi kwakukade kube yinto ethize esabekayo kulendoda, ukuthi zonke izimpokophelo zayo eyayikade inazo, ukuthola ukuthi, khona manjalo, eyayikade ibahlupha. Izimpokophelo zayo zaziyiqhubele ku—kude le nento enkulu eyayihlose ukuyenza. Futhi ukushaqeka o—okukhulu kanje pho okufanele ukuthi kwaba yikho, ngalomphostoli, ngenkathi Ithi,

"NginguJesu," yena impela Lo eyayimhlupha. "UNgihluphelani na?"

75 Esinye isicaphuno esincane esingase sisiqathaze phakathi lapha. Niyabo, njengoba behlekisa ngeBandla, abahlekisi ngalo ngempela iBandla, bahlekisa ngoJesu. "UNgihluphelani na?" Wakwenza kanjani-ke uPawulu, nakho konke ukuhlakanipha kwakhe, ukholwa ukuthi Lokhu kwakuyi. . .ukuthi leliQembu ayelihlupha kwakunguye impela uNkulunkulu ayezisho ukuthi uyamkhonza? Ngicabanga ukuthi lokho ngukuthi, ngaphandle kokukuhlaziya, ngicabanga ukuthi sonke siqeqeshwe ngokwenele ukwazi ukuthi ngichaza ukuthini lapha. Into efanayo yenzeka namhlanje.

76 UPawulu, ngokungazi, wayesahlakaniphile namanje futhi ekhaliphile, ekhaliphe kakhulu ukwedlula lawomaGalile angafundile ayewahlupha, ayesevele esesekuzehliseni kwawo emukele leNdoda njengeNkosi. Kodwa, uPawulu, ekufundiseni kwakhe okukhulu nezihlakaniphi zakhe, wayengenakukwemukela Lokho. Futhi ukujika okunje pho okufanele ukuthi kwaba kuye, kulendlela. Futhi washaywa ngobumpumputhe, ukuze angakwazi ukuqhuba ukuthunywa kwakhe, kodwa waholelwa ezansi endaweni esitaladini esithiwa Siqondile, nendlu yoyedwa.

77 Bese-ke kufika umprofethi ezansi lapho, ogama linguAnaniya, owabona embonweni, yena eza ehla, wabona lapho ayekhona, wehlela lapho ayekhona, wayesengena. Wayesethi, "Sawulu mzalwane, iNkosi ibonakale kuwe usendleleni wehla; yangithuma, ukuze ngibeke izandla zami phezu kwakho, bese wemukela ukubona kwakho bese ugcwaliswa ngoMoya oNgcwele."

78 Niyabona lapho ayekhona. Kufanele ukuthi kwa—kwakukade kuyinto enjani kuPawulu! Niyabo? Konke lokho ayekade eqeqeshelwe ukukwenza kwaphambana. Ngakho manje, na—nayo yonke imfundo ayenayo, ya—yaba yize nje kuye.

79 Manje, wayazi ukuthi wayebe nesehlakalo. Ngakho nasi esinye isifundo esihle sethu, ukuthi, isehlakalo sisodwa asenele. Sizofanele sibe yisehlakalo ngokweZwi leNkosi. Ngakho, yena ebona lokhu, futhi azi ukuthi KwakuyiNto ethize enkulu, khona-ke, ukuthi omunye umuntu othize waYeyamukele ngaphambi kwakhe, wathatha iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha ezansi o—ogwadule eArabiya; ethatha i—iBhayibheli, njengoba Lalinjalo ngaleyonkathi, iTestamente eLidala, futhi ehlela lapho, uku—ukuba aqhathanise lesisehlakalo ayebe naso, futhi abone ukuthi ngabe SasingokomBhalo yini.

80 Manje ukuba-ke wathi, "Awu, ngiqagele lokho bekungokuncane nje okuvele kwashabalala kungatheni," futhi waqhubeka na? "Ngizolandela inhlakanipho yami"?

81 Manje, wadingeka abe ngofakwe etilongweni entweni ethize, itilongo. Ngakho emva kokukuqhathanisa, futhi ebona, akumangalisi wakwazi ukuloba iNcwadi yamaHeberu, ngomfanekiso. Niyabo? Iminyaka emithathu nengxenye ezansi lapho, egcizelela eZwini, futhi ethola ukuthi yena impela uNkulunkulu owambiza wayembuyisela emuva, futhi eguqula konke okwezinhlakanipho zakhe, eguqula konke ake akucabanga, konke aqeqeshelwa ukuba yikho. Yonke impokophelo yakhe, wayesula nje wayisusa kuye, futhi waba yisiboshwa. Uthando lukaNkulunkulu lwalube lukhulu kakhulu, nesambulo esi—esinje pho, ayengenakudeda kuSo.

82 Leso yisehlakalo sangeqiniso salo lonke ikholwa langempela elihlangana noNkulunkulu. U—ufika ekuxhumaneni neNto ethize enkulu kakhulu, o. . . u—ukuthi uba yi—yisiboshwa, kuyoyonke enye into. Niyabo? U—udeda kuyo yonke into, ukuba uzifake etilongweni wena uqobo kuLe.

83 Kuyezwakaliswa ngesinye isikhathi lapho uJesu athi, "UMbuso weZulu uyinto ethize efana nomuntu ethenga amaparele. Bese-ke uma efumana leloParele elikhulu, uthengisa ngakho konke anakho, ukuba athole Lelo."

84 Futhi yileyondlela lapha. U—unomqondo wokuhlakanipha, une—ne—ne—nesehlakalo sesayense yezenkolo; kodwa uma sekufika esikhathini ukuthi uma u—u—usuthola ngempela Into yangempela, u—uthengisa nje ngayo yonke enye into, bese uzivalela wena uqobo kuLe.

85 UPawulu wazi ukuthi kwakuyini. Wa—wathola ukuthi wafakwa amahhanisi kwenye Into ethize. Njengoba sifaka i—i—ihhashi ehhanisini, lizo—lizodonsa into ethize. NoPawulu wazi, emva kwalesisehlakalo, neminyaka emithathu nengxenye yokufanekisa i—isehlakalo ayenaso, neBhayibheli, waqonda ukuthi uNkulunkulu wayemkhethile futhi wayemfake amahhanisi ngoMoya oNgcwele, isehlakalo ayenaso, ukudonsela iVangeli ebukhoneni babeZizwe. UMoya, qobo Lwawo, wamfaka amahhanisi.

86 Futhi, namhlanje, njengezinceku zikaKristu, siba ngabafakwe amahhanisi, sihhukiwe. Asikwazi ukuhamba. Sivalelwe ngemigoqo naWo, sifakwe amahhanisi eZwini. Akunandaba ukuthi noma ubani omunye uthini, ufakwe amahhanisi kuLo. Kukhona okuthize ngaLo, ukuthi ungeke nje wadeda kuLo. Uboshelwe ejokeni naLo, ngoMoya oNgcwele, ukubophele ejokeni eZwini. Akunandaba ukuthi noma ubani omunye uthini, LiyiZwi. Elihlala njalo lifakwe amahhanisi naLo, faka ijoka naLo. EZwini, ngoMoya, wayefakwe amahhanisi.

87 Wayefundile kwi—kwingemuva logwadule lwaseArabiya lapho. Ngenkathi, zonke izinto zakhe zasekuqaleni, nezehlakalo, nempokophelo, ukuthi, wayehlutshulwe lezozinto.

88 Manje, yilapho esithola khona, namhlanje, ukuthi sifanele sihlutshulwe, kuqala. Nabantu abafuni ukuhlutshulwa. Umfowethu oyiMethodisti ufuna ukubambelela ekufundiseni kwakhe okuncanyana kweMethodisti. Ehhe. Umfowethu oyiBaptisti ufuna ukubambelela ekufundiseni kwakhe okuncanyana kweBaptisti. Niyabo? Kodwa ufanele ngokoqobo uhlutshulwe yonke into, futhi nje uzalwe ngokusha, kabusha. Bese uthatha kusukela lapho, uvumele uMoya oNgcwele uhole. Ungeke wathi, "Awu, manje, ubabayi wami—wami washo, ngenkathi engena, wangena ebandleni, waxhawulana nomelusi. Yena, uyilunga elikahle elethembekile." Lokho kungahle ukuba kwakulungile esizweni sakubo, kodwa singesinye isizwe. Niyabo? Manje sifanele sibuyele ezikhathini zeBhayibheli zalolusuku.

89 Abapristi wayefakwe amahhanisi, nabo. Kodwa, niyabo, base bewelele nganeno kwesinye isimiselo sesikhathi, futhi ba—bayehluleka ukuhlubula ihhanisi labo elidala futhi bafake ihhanisi elisha.

90 Nento efanayo siyithola namhlanje. Sedlulile onyakeni wobuhlelo, njengoba sifakazisile ngeminyaka yebandla, iBhayibheli, nokunye nokunye, kodwa sifika manje onyakeni okhululekile, lapho uMoya oNgcwele qobo Lwawo wehla khona futhi uzibonakalise qobo Lwawo, futhi uzazise qobo Lwawo, wenze zonke izithembiso Owazethembisa, zifezeke. O, he! Isikhathi esikhulu kanje pho!

91 Futhi wakwazi lokho, enye into, wayazi ukuthi wayengenakuya ezindaweni. Lokho, efakwe amahhanisi kuLokhu, ukuthi angakwazi. Ukuthi wenza, kodwa wa—wayefuna ukuhamba. Wayazi ukuthi impokophelo yakhe yamdonsela phakathi kwabazalwane lapho ayemenywe ukuza khona, futhi nokho wacindezelwa uMoya ukuba enze enye into ethize. Wayengesuye owakhe.

92 Mhlawumbe omunye wayengathi, "Mfowethu uSawulu, Mfowethu uPawulu, sikufuna uze ngapha, ngoba sinebandla elikhulu kunawo onke. Sinenhlangano enkulu kunazo zonke. Iminikelo yakho izoba mikhulu, nokunye nokunye."

93 Kodwa ecindezelwe uMoya, wacabanga, "Nginomfowethu laphaya. Ngithanda ukuwela futhi ngimsindise lomfowethu, ngimyise eNkosini." Kodwa, nokho, uMoya wamcindezela ukuba aye kwenye indawo ethize. Wayeyisiboshwa. Kuyikho.

94 O Nkulunkulu, senze iziboshwa kanjalo, ezimpokophelweni zethu uqobo zokuzazisa, nasezahlulelweni zethu uqobo nendlela yethu engcono yokucabanga, ukuba sibe yisiboshwa sikaJesu

Kristu. Ngicabanga ukuthi leyo kwakuyinkulumo-mbiko enkulu, ukuthi, "Ngiyisiboshwa kuJesu Kristu."

95 Futhi khumbulani, UyiZwi. Niyabo? Akunandaba ukuthi noma ubani omunye ucabangani, yiZwi. Niyabo? Uma uyisiboshwa eZwini, akukho-hlelo elingakuntengantengisa usuke kuLo. Yi—yiZwi. Nje u . . . Uyisiboshwa kuLo, yilokho kuphela. Ufanele wenze ngendlela Elenza ngayo.

96 Manje, wayengenakuya ezindaweni ezithile ayefuna ukuya kuzo, ngoba (ngani na?) uMoya wawumenqabela. Khumbulani, isikhathi esiningi, ukuthi uPawulu wayezama ukuya endaweni ethize, ecabanga, "Yilapho ebengingaba khona nomhlangano omkhulu," kodwa uMoya wawumenqabela. Manje, ngabe lokho kubeka ngokucacile futhi kufakazise ukuthi uPawulu wayeyisiboshwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Isiboshwa kuJesu Kristu, sifakwe amahhanisi eZwini laKhe, ngoMoya! O! Ngiyakuthanda lokho. Ehhe.

97 Wayeboshiwe. Wayeboshwe ngeketango, nangezibopho zothando, ukuba enze intando kaNkulunkulu, futhi leyo kuphela. Wayeyisiboshwa. Wayesezibophweni zothando. Wayesejokeni noKristu. Wayengenakuboshelwa ejokeni nalutho olunye. Wayeboshelwe ejokeni naYe. Futhi lapho ukuHola kwakuya khona, yilapho ayedingeka aye khona. Kungakhathaleki ukuthi idlelo laliluhlaza kanjani, lapha ku*lolu*hlangothi noma *lolo*hlangothi, wayefanele ahambe ngendlela uMholi nejoka laliya khona.

98 O, kulobubusuku, uma thina, njengeTabernakele likaBranham, besingaba kuphela iziboshwa; kubuthina bethu uqobo bokuzazisa, empokophelweni yethu uqobo, ukuthi sikwazi ngokuphelele ukuthi sizinikele futhi siboshelwe ejokeni kuYe, kungenandaba ukuthi lonke izwe licabangani, ukuthi lonke izwe lenzani. Siboshelwe ejokeni ngezibopho zothando. Siyiziboshwa. "Izinyawo zami luboshelwe ejokeni kakhulu kuKristu, ngeke lukwazi ukudansa. Amehlo ami liboshelwe kakhulu ejokeni kuKristu, kuze kuthi mina, uma ngibona laba abahhundula izingubo besimodeni emgwaqeni, Kuphendula ikhanda lami. Inhliziyo yami—yami iboshelwe ejokeni kakhulu othandweni kuYe, ngize ngingakwazi ukuba nothando lwalelizwe, nhlobo. Intando yami iboshelwe ejokeni kakhulu kuYe, ngize ngingazi ngisho namanje ukuthi izimpokophelo zami ziyini. Nje, 'Nomaphi la Oholela khona, ngolandela, Nkosi.' Ngizoba yisiboshwa." Niyabo?

99 UPawulu wayeyisiboshwa ngokuyikho. Wayengenzi-noma yiyiphi inkulumo-mbiko eyiphutha. Waqeqeshwa nguMoya oNgcwele, futhi, ukuba alinde eZwini. Manje, wayekade eqeqeshwe ngendlela eyodwa, kodwa—kodwa uNkulunkulu wayesemqeqeshe ngenye indlela manje. Waqeqeshwa nguMoya

oNgcwele ukuba alinde eNkosini, kungenandaba ukuthi izimpokophelo zakhe yayiyini.

100 Manje ngizo, ngisizwe nguMoya oNgcwele, nginikhombise into ethize. Niyabo? Manje ake sithathe isenzeko nje.

101 Ngoluny'usuku, uPawulu noSila, behla beza ngomgwaqo emzini othize lapho ababebambe khona imvuselelo. Nencane, intombazane ekhwelwe amademoni yayilokhu imlandela, imemeza emva kwakhe. Futhi akungabazeki impela ukuthi uPawulu wayazi ukuthi wayenegunya, njengomphostoli, ukuba akhuze lowomoya omubi uphume kulowo wesifazane. Kodwa naqaphela na? Walinda, usuku nosuku, kwaze kwathi, khona-manjalo, uMoya oNgcwele wakhuluma kuye, wathi, "Sekuyilo lelihora."

102 Wayesethi-ke, "Wena moya, phuma kuye." Niyabo? Wayekwazi ukulinda eNkosini.

103 Futhi lapho yilapho abantu abaningi kakhulu namhlanje beletha khona ihlazo phezu kweZwi. Baphuma benempokophelo. Zingaki izimvuselelo ezishiywe zifadalele ngenxa yento enjalo, ngoba umvangeli akalindi ukuba abone ukuthi iNkosi izothini! Abanye babo bathi, "Woza ngapha," futhi ba—bahamba kahle manje ngoba i—inhlangano yobumbano yathi, "Hamba." NoMoya oNgcwele uyosho into ethize ehlukile. Nokho, impokophelo yomuntu ukuba abe yigosa lombuso, noma—noma enye into ethize, noma ilunga elithize elidala, noma umbhishobhi othize, noma into ethize izomdonsa, "Ufanele uhambe." Futhi, nokho, wazi kangcono. UMoya oNgcwele uthi, "Hamba *lapha*." Niyabo? Uboshelwe ejokeni lenhlangano yakhe. Uyisiboshwa enhlanganweni.

104 Kodwa uma eboshelwe ejokeni kuKristu, uholwa nguMoya oNgcwele. U . . . ? . . . Niyabo? Yena, uboshelwe ejokeni, isiboshwa. Akwenzi nayimuphi umehluko ukuthi noma yini enye ithini; yi—yi—yi—yithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. Uzwa kuphela iPhimbo likaNkulunkulu, futhi ukhuluma kuphela uma Liphuma. Akasho lutho.

105 Omunye uthi, "O, o, Mfowethu Jones!" Mfowethu Roberts, noma abanye, lamadoda amakhulu ezweni lakithi namhlanje, njengoTommy Hicks, noma—noma—noma uOral Roberts, noma—noma uMfowethu Tommy Osborn, abanye balabo bavangeli abakhulu. Uma omunye ubengathi, "Awusho, woza ngapha, Tommy. Uyindoda enkulu kaNkulunkulu." (Noma Oral.) "Futhi ngi—ngino—nomalume olele ngapha, o—oboshwe ngqi. Futhi u—uyagula. Ngifuna uze neno. Ngikholwa ukuthi unamandla okumphilisa." Niyabo?

Futhi mhlawumbe uMoya oNgcwele uyothi kuye, "Hhayi manje."

106 Kodwa, nokho, ebunganini balowomuntu, ubophezelekile ukuhamba naye. Uma engahambi, uba yisitha kulowomuntu.

Lowomuntu uthi, “Awu, uye ku *s'bani-bani*, uphilisa lowomntwana noma lowomfana. Ngiyazi wakwenza. Futhi kade ngingumngane wakhe, iminyaka, uyabo, futhi akezi endaweni yami.”

107 Kodwa uma ephoqwa nguMoya oNgcwele ukuba angayi, ungcono angayi, uma eboshelwe ejokeni kuNkulunkulu. Umngane wakhe, amthandayo. Kodwa ungcono aholwe nguMoya oNgcwele ukuba aye lapho, ngoba akuzukusiza ngalutho, empeleni. Ngiba nezehlakalo kulokho isikhathi esiningi.

108 Kodwa uPawulu walinda uMoya nje ukuba umtshele ukuthi akenzeni. “Linda eMoyeni,” washo. Wama ngobunye ubusuku, eshumayela. Futhi waphuma lapho. Wabona indoda eyisishosha. Futhi khona manjalo, uMoya wakhuluma kuye, wayesethi, “Ngiyabona.” Kanjani na? Indlela efanayo abona ngayo ukuthi babezophahlazeka, phezu kwesiqhingi. Niyabo? “Ngiyabona ukuthi unokukholwa ukuba uphiliswe. Yima ngezinyawo zakho. UJesu Kristu ukusindisile.” Niyabo? Nakho lapho okhona. Wa—waye. . . Wayeboshelwe ejokeni. Angahle ukuba wayebambe imvuselelo yeviki lapho akukho lutho okwakwenzekile, kodwa nokho walindela uMoya oNgcwele ukuba usho. Niyabo? Wayeboshelwe ejokeni kulesosinxuso.

109 Manje wena uthi, “Mfowethu Branham, ugxeka lokho okusho ngeSonto, ngawe kade ulinde sonke lesisikhathi.”

110 Futhi, kodwa, khumbulani, kwakunguMoya oNgcwele owakhuluma kimi phezulu lapho emgwaqeni, wayesethi, “Ngikuthumela emuva phakathi kwabantu abagulayo nabahluphekile.” Niyabo? Kungukulalela kuMoya oNgcwele. Angihambanga waze Wangitshela ukuba ngikwenze. Ngangilinde u ISHO KANJE INKOSI, ngaze ngathola u ISHO KANJE INKOSI. Manje, lokho kwehlukile. Niyabo? Manje, Khona, Lokho kwenza umehluko. Yebo.

111 Wayelinde iZwi leNkosi. Wacindezelwa uMoya, ukwenza kuphela ukuyala kukaNkulunkulu, manje-ke uba yisiboshwa sikaJesu Kristu. Bangani, ukuba kuphela besingaba yiziboshwa!

112 Ngiyazi kuyashisa. Kodwa ngi—ngithanda ukusho amagama abangangababili abanye futhi abalingiswa, uma ningathanda. Nginabacishe babeyisithupha noma abayisishiyagalombili ababhalwe phansi lapha. Kodwa ngi—ngithanda ukusho igama lomunye umlingiswa nje noma ababili.

113 Asithathe isimilo sikaMose. Wazalwa engumkhululi. Futhi wa—wa—wayekwazi lokho, ukuthi wazalwa engumkhululi.

114 Kodwa ngaphambi kokuba ngisho ngoMose, ngithanda ukwenza lenkulumo-mbiko, ukuthi, uNkulunkulu njalo uzofanele athathe noma yiyiphi indoda, ezoMkhonza ngeqiniso, ukuba ibe yisiboshwa saKhe. Indoda izofanele inikele ngayo

yonke impokophelo enayo, yonke into eyiyo, yonke—yonke into, impilo yayo, umphefumulo, umzimba, intando, izimpokophelo, nayo yonke enye into, bese iba ngesiphelele, isiboshwa kuKristu, OyiZwi, ukukhonza uNkulunkulu.

115 Ungahle uhambe ngokuphambene, ekwehluleleni kwakho okungcono. Mhlawumbe, enhlanganweni ethize, ungahle ucabange ukuthi bebengakuphakamisa futhi bakunike into ethize enkulu, ongahle uyibanekise. Kodwa utholani qobo lwakho na? Uzithola wehluliwe, emva kwesikhashana, uNkulunkulu aze athole indoda evumayo ukuba yisiboshwa kuYe.

116 UNkulunkulu ufuna iziboshwa. Ubehlala njalo ekwenza. Ungahle ukuhlolisise ngomBhalo. Indoda izofanele ibe yisiboshwa kuKristu, kumelene nanoma yini. Ngakho-ke, ungeke waxhunyaniswa nanoma yini kodwa uKristu; ngisho uyihlo, unyoko, umfowenu, udadewenu, umyeni wakho, umkakho, noma ubani. Uxhunyaniswe kuphela noKristu, futhi Yena kuphela, khona-ke uNkulunkulu angakusebenzisa. Kuze kube yileyonkathi, ungeke.

117 Uphuma, ngezinye izikhathi ukhuluma ngesankahlu kubantu. Niyabo? Ngi—ngizama ukunitholela ukuba nginikhulule. Nifanele nibe nendawo yokuqalela, njengezinye izikhathi ubize abesifazane bephungula izinwele zabo futhi begqoka lezizingubo, futhi babambe futhi bagcine ukuzisho kwabo ukuthi bangamaKristu. Uthi, "Leyo yinto encane." Awu, ufanele uqale ndawondawo. Ngakho qala khona lapho, koABC bakho. Niyabo? Futhi nizikhulule ekubukekeni kwezwe, empeleni, futhi bese uba isiboshwa kuKristu. Bese-ke nje ulokhu uqhubeka, uzikhulule ezintweni zonke, kuze kuthi ekugcineni ulayini wokugcina ukhululwe. Khona-ke ni—ni . . . Uyisiboshwa-ke. Ubambelela ngqi kuYe. Yena, Ukubambe ngqi kuYe.

118 Manje, uMose wayazi ukuthi wazalwa engumkhululi. Wayekwazi lokho. Futhi niqaphelile yini, nempokophelo uMose ayenayo; azi ukuthi unina wayemtshelile laphaya, njengoba wayengumzanyana wakhe.

119 Akungabazeki, ngenkathi uMose ingane encane ezalwa, ukuthi unina wathi, "Uyazi, Mose, ngenkathi . . . Ubabayi wakho, uAmramu, nami sakhuleka njalonjalo. Sasazi, futhi sibonile eZwini, kwase kuyisikhathi sokufika komkhululi. Futhi sakhuleka, 'Nkosi Nkulunkulu, sifuna ukubona lowomkhululi.' Ngobunye ubusuku, iNkosi yasitshela, embonweni, ukuthi uyozalwa, futhi uyoba ngumkhululi. Sasingawesabi umyalo wenkosi. Sasingakhathali ukuthi inkosi yathini. Manje-ke, sasazi ukuthi wazalwa ungumkhululi. Manje, Mose, sasazi ukuthi sasingeke sikukhulise kahle."

120 Manje khumbulani, babekade besezansi lapho, iminyaka engamakhulu amane eGibhithe. Niyabo?

121 "Futhi sa—sasifuna ukukutholela i—into ekahle, imfundo ekahle, ukuqeqeshwa okukahle. Ngakho, ngakuthatha ngase ngikufaka esikebheni esincane, ngase ngikubeka phandle eNayili. Futhi kuyisimanga kanjani, ukuthi imisinga yehlisele lesosikebhe esincane ezansi sidabula emihlangeni nasemabungeni, futhi yasehlisela ezansi ngqo, kuqhele ngamamayela, futhi yasijikisela ngqo esigodlweni sikaFaro, lapho eyakhe . . . Indodakazi kaFaro yayikhona, lapho idamu layo lokugezela lalikhona. Nokuthi ngazi kanjani ukuthi—ukuthi wayezodinga owesifazane ukuba akukhulise."

122 Futhi ngalezozinsuku, kusobala, babengenawo lamabhodlela ukukhulisa izingane ngawo, ngakho wayezodingeka abe no—nozomncelisela ingane. Ngakho . . .

123 "Futhi, uMiriyamu, ngamthumela ezansi. Futhi wama lapho, wayesethi, 'Ngiyazi lapho engingathola khona ozoncelisela ingane,' futhi uyafika wayesethatha mina. Futhi, Mose, iminyango yonke ivaliwe. S'thandwa, usuneminyaka eyishumi nesithupha ubudala manje, futhi uzoba yindodana kaFaro. Futhi suku lumbe uzoba ngumkhululi ozokhipha abantu lapha."

124 Impokophelo kaMose iqala ukukhula. "Ngizotadisha, mama. Ngizotadisha konke engingakutadisha. Uyazi ukuthi ngizokwenzani? Ngizotadisha ukuthi ngingaba kanjani yindoda yezempi, futhi ngizokwazi ukuthi bakhishwa kanjani lababantu lapha. Ngizoba yinduna enkulu, umbhishobhi, ngakho ngizokwazi ukuthi kwenziwa kanjani. Futhi ngizo—ngizokukhipha. Ngizothola iPh.D noma iLL. yami. Ngizokwenza."

125 Njengo "Fata Chiniquy," uma nake nazifunda izincwadi zakhe. Kulungile. Uzo "khulula onke amaProtestane," niyazi, futhi uba nguye, qobo lwakhe. Ngakho, lompristi omkhulu, eminyakeni eyadlula, "UFata Chiniquy," anoke nithole incwadi yakhe futhi niyifunde. Bambiza ngo, "baba." UnguMfowethu Chiniquy nje, okwakuyikho. Asibizi-muntu ngo "baba," kanjalo. Ngakho sithola ukuthi—ukuthi si . . . Wayezofunda iBhayibheli, ukuze akwazi ukuphumela lapho futhi afakazise ngokuthi achithe yonke inkolo yamaProtestane bese ekwenza konke kube yiKatolika. Futhi ngenkathi eyofunda iBhayibheli, uMoya oNgcwele wehlela kuye, futhi wathola uMoya oNgcwele, futhi manje-ke—manje-ke uba ngomunye wawo.

126 Manje ngakho-ke qaphelani lokhu, ukuthi uMose wathola konke ukuqeqeshwa. Ngoba, wa—wayazi. Wayekhaliphe kakhulu, efundiswe kakhulu, ehlakaniphe kakhulu! Kwaze kwathi, akukho-muntu . . . Wayekwazi ngisho nokufundisa amaGibhithe. Kwaze kwathi, wayekwazi ukufundisa ososayense bawo bezokusebenza kwengqondo. Wayekwazi ukufundisa

izinduna zawo—zawo ukuthi ezempi ezinamandla zaziyini. Wayeyindoda enkulu. Nabantu babemesaba uMose, ngenxa yobukhulu bakhe. O, ukufunda okuphakeme okunje pho! He! Wayengumbhishobhi omkhulu, noma mhlawumbe njengopapa. Wayengumfo omkhulu. Futhi wayeyi—yi—yindoda enamandla. Futhi wayazi ukuthi wayezalelwe ukwenza lokhu, futhi wayeqeqeshiwe, enempokophelo, ukuba akwenze.

127 Njenganganamhlanje nje. Angisho ukuthi amadoda, aqeqeshwa kulezizikole, angisho ukuthi . . . Njengoba ephandle lapha eNtshonalanga manje, azokwakha isikole sesayense yezenkolo samadola ayizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu, niyabo, iPentecostal, i—isikole samadola ayizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu. Kimina, lokho kufanele kube yizimishini ensimini. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Kodwa, noma ngabe yini, benzani uma bephuma lapho na? Bayini na? Isigejane sezintekenteke. Impela nje. Futhi-ke baphuma kanjalo. Bekuhlala njalo kunjalo, bonke, futhi lowo ngulayini ofanayo. Niyabo?

128 Manje siyathola, ukuthi, ngenkathi, uMose, kukho konke ukuqeqeshwa kwakhe. Futhi namhlanje, nakho konke ukuqeqeshwa, benza ababhishobhi abakhulu nokunye nokunye, enkulu, impokophelo ephakeme, sizokwenzani na? Izimpokophelo zethu ziba nje cishe njengalokho ekaMose eyayiyikho. Niyabo?

129 UNkulunkulu, ngaphambi kokuba Athole indoda ibe sesandleni saKhe, Wayefanele ayihlubule impokophelo yayo. Wayefanele ayihlubule konke ukuqeqeshwa kwayo.

130 Waphuma, futhi wakhulula; wabulala umGibhithe oyedwa. Futhi yena, futhi ngenkathi enza, wathola ukuthi wayesephutheni. Wayengenakukwenza lokho. Kwakungesikho ngaleyondlela. NoNkulunkulu wafanele amkhiphele ehlane, ogwadule, indawo ewugwadule.

131 Niyaqaphela, kuthi ukuxaka, kanjani lababafo, uNkulunkulu abatholele umlayezo. Ubayisa ogwadule.

132 Wathatha uPawulu wamyisa ogwadule, ukuba amqeqeshe, ukumtshela ukuthi wawuyini wonke lombono omkhulu, phandle ogwadule. "Phuma uye ogwadule oluthize." Futhi wahlala lapho uNkulunkulu waze wakwazisa ngokugcwele ukuthi akenzeni.

133 Nesikhathi sikaMose, Wamkhiphela ogwadule. Wamgcina phandle lapho iminyaka engamashumi amane, wayesemhlubula konke okwesayense yakhe yezenkolo nayo yonke impokophelo yakhe. O, isikhathi esinje pho, ukuthi wayekwazi ukubuka emuva bese ebona ukwehluleka kwakhe. Nokuthi sikanjani thina, kulobubusuku, besifanele senze into efanayo, uma sibona impokophelo yethu.

134 Bukani umkhankaso wokuphilisa, futhi nibone uma iNkosi yenza okuthize eminyakeni embalwa eyedlula, ukuqala ukubuyisela ukuphilisa kwabagulayo, nokunye nokunye.

135 Wonk'umuntu, zonke izinhlangano, yingenxa yokuthi Akuzanga enhlanganweni yabo, babefanele babatholele umphilisi. Futhi senzeni na? Ake sikubuke umzuzwana nje. Senze into efanayo eyenziwa nguMose. Siphumile futhi sazama kanzima kakhulu ukukhiqiza uhlobo oluthize lwesimangaliso. "Ngancibilikisa isifo. Ngi—ngi—nginegazi esandleni sami," futhi ngakhiqiza isimangaliso. Niyabo? Futhi sinani na? Amanye amadoda esebunzimeni obul'khuni kangaka, esebhidlikile futhi aba yizidakwa ezivamile, eguliswa yimizwa, futhi kwathola imiqondo yawo. Futhi avala kusuka le emuva, inqubo ekuphokopheleni kwephentekoste, abuyela ekwenzeni izinhlangano nezinto futhi. Niyabo?

136 Senzeni na? Sabulala ngokuceka cishe umGibhithe oyedwa. Kunjalo. Futhi sizamile. Sibe sebunzimeni. Sikhokhile. Sishikashikekile, siqhubeka ubusuku bonke gulukunqu emihlanganweni yomkhuleko, saze asangabe sisaba-naphimbo. Futhi—futhi sizama ukukhiqiza into ethize, futhi sizishunela into ethize, nazo zonke lezi uhlobo lwezinto, futhi sikuthola kungukwehluleka nya. Sidinga ukubuyela ogwadule. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Imihlangano yamakhempu, nemizabalazo. Yingani ningavele niyeke nje? Yilokho ebenifanele nikwenze, niyabo, nibuyele emuva bese niyayeka. Kungani, senze into efanayo abayenzayo, into efanayo eyenziwa nguMose. Ayisizi ngalutho. Emva kweminyaka engamashumi amane, wazithola eseyisiboshwa eZwini likaNkulunkulu. Sizama ukwenzani na?

137 Nxa, Isibusiso esikhulu siphuma, nesibonakaliso sazo zonke lezizinto ezinkulu uNkulunkulu asitshele ngazo: ukuthi sifanele kanjani ukuba sizalwe ngokusha; ukuthi simemukela kanjani uMoya oNgcwele; umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu; nazo zonke lezizinto lapha.

138 Niyabo, abantu, esikhundleni sokuhlala kuleloZwi, sifakwe amahhanisi kuLo, benzani na? Baqala ngesichasiso esingesabo sehlelo esibonwa ngukucabanga kwengqondo, esase sivele sehlulekile, futhi bazama ukukhiqiza into ethize ukuba ibukeke injengeQiniso.

139 Kungcono nginqamule khona lapho. Niyabo? Ngiqinisekile ukuthi nihlakaniphe ngokwenele ukuba nazi ukuthi ngichaza ukuthini. Niyabo? Kodwa, ngani, bukani ukuthi kwenzeni. Kucabangeni.

140 Sinani, kulobubusuku, kodwa i—i—isizwe esigcwele abantu abahlelile abaphika imiBhalo kaNkulunkulu; abayobiza u—u—ukuPhila kukaMoya oNgcwele, ngokuthi, "Kwa—kwakungukufunda ingqondo," abayobala abanjalo ukuba bangene ebandleni labo. Futhi bangeke bakuvumele

ukuba uphathe iZwi elilodwa lenzalo yenyoka, ukuphepha kwaPhakade, nezinto uMoya oNgcwele ozembulile futhi wafakazisa ukuthi yiZwi. Ngiphosele inselelo nenselelo, ukuba beze futhi bakufakazise kimi ukuthi kuyiphutha.

141 Banani na? Into efanayo uLuther ayenayo, bonke babo, niyabo, babulala ngokuceka umGibhithe. Yini okufanele . . . Kwakuyini na? Mhlawumbe wenza indoda ethize ukuba iqale . . . iyeke ukweba, noma mhlawumbe ihlale ngokwethembeka kumkayo. Kodwa wayenza ini emva kwalokho na? Ilunga lebandla. "Woza ujoyine iqembu lethu." Niyabo?

142 Leyondoda efile enukayo yayiyiyona-nto kuphela eyoyikhomba ngomunwe wayo, yempumelelo yayo, yeminyaka engamashumi amane yokuqeqeshwa; umGibhithe onukayo elele lapho, esebolile futhi efile.

143 Yileyondlela okuthi akube ngayo kulobubusuku. Into kuphela esingayikhomba, kulemvuselelo esiwelile (kubizwa kanjalo), yisigejane esinukayo samalunga ebandla esingazi lutho ngoNkulukulu kunoma iLawu belingazi ngobusuku baseGibhithe. Kunjalo. Lelo, liyobatshela ngeZwi likaNkulunkulu, bathi, "Angilikholwa Lelo." Bathi, "Angikhathali ukuthi bathini. AngiLikholwa." Niyabo? Niyabo? Leyo yinto embi kabi ukuba udingeke ukhombe emuva kuyo, ngabo bonke ubunzima nemizabalazo nayo yonke into esinayo.

144 Mhlawumbe besingakhomba isikole esikhulu, kodwa sifile. Besingakhomba inhlangano, kodwa ifile. Iyanuka. Ifana nje nento yokuqala esahosheka kuyo. "Njengengulube iya ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlanzweni bayo," uma sibuyela emuva. UmGibhithe oyedwa ofile.

145 Akungabazeki ukuthi kodwa omunye wathi, "Mose, awu, awusenakho okunye ukubazwela abantu na? Wabizelwa lokhu." Omunye umuntu owayemazi uMose, wayazi ukuthi wayebizelwe lokho. "Futhi unga . . . Ulahlekelwe ukubazwela abantu na?"

"Qhabo, mnumzane."

146 "Awu, awukho ngani phandle, uwele, wenza *lokhu* na? Futhi kungani ungekho phandle lapha, uzama *lokhu* na? Futhi awuqhubeki ngani nabo bonke abanye na?"

147 UMose wayephandle lapho ehlutshulwa, waze waba nesehlakalo esihlahleni esivuthayo, esamemezela iZwi. "NGINGUNkulunkulu kaAbrahama, uIsaka, noJakobe. Futhi Ngiyazikhumbula izithembiso zaMi. Futhi Ngehlile ukubakhulula. Ngithuma wena ukuba ukwenze." Kwakuyilokho-ke.

148 Ulibonile iZwi, hhayi impokophelo yabantu noma izifiso zabantu. Wayeseba yini-ke na? Akabange esafuna ukubhekana namaGibhithe. Akabange esafuna ukubhekana nalento. Kodwa uba yisiboshwa. Amen. Iminyaka engamashumi

amane yokubaleka, ehlubula kwehla, kodwa manje-ke uba yisiboshwa, esihlahleni esivuthayo, uMose onamandla nabo bonke ubuhlakani bakhe. IBhayibheli lithi uMose wayeyindoda enamandla ngezwi nangesenzo, ezansi eGibhithe.

149 Kodwa bhekisisani ukuthi usiyazi wezenkolo onamandla wenzani eBukhoneni besihlahla esivuthayo. Wavuma kuphela ukungabi nakhono kwakhe. Ngenkathi ebone inhloso yangokoqobo kaNkulunkulu, wavuma ukuthi wayengenakhono lokukwenza. Nokho, wayeqeqeshwe kuyo yonke isayense yezenkolo ababengamnika yona, wayeqeqeshwe esikoleni sabo esedlula zonke. Kodwa, nokho, wayengenza ngenkathi e. . .leyoNsika yoMlilo ilenga lapho esihlahleni na? Wathi, "Angikwazi ngisho ukukhuluma kuYe. Nkosi, ngingubani, ukuba ngihambe na?" Niyabo?

150 "Khumula izicathulo zakho, Mose. Ngifuna ukukhuluma kuwe. Zihlubule wena kwehle, ngisho nezicathulo zakho. U—uthe cu emhlabathini futhi. Ngifuna ukukhuluma kuwe."

151 Akakwazanga ngisho nokukhuluma. Ekugcineni, isiboshwa esikhethiweyo, umprofethi okhethiweyo, njengoba nje lowoPawulu wayekhethiwe. UMose wakhethwa, umkhululi. Kwase kuthi-ke, ekugcineni, uNkulunkulu wayenesikhonzi saKhe esikhethiwe isiboshwa kuYe. O, haleluya! Wayenyakaza kuphela njengoba iZwi likaNkulunkulu lamnyakazisa. "Ngiyothi ngithunywe ngubani na?"

"NGINGUYE."

"Ngizokwenza kanjani na?"

"Ngiyakuba nawe."

152 "Yebo, Nkosi, njengoba Usho nje. Ngilapha." O, he! Lokho, uyisiboshwa.

153 Uhamba ngokuphikisana nokucabanga kwakhe okungcono. Manje, wayekade eqeqeshelwe ukukhuza impi. "Izinkemba, phezulu! Ngobuso!" Eqeqeshelwe ukuhamba, "Izinqola zamahhashi, zonke ngomumo! Imikhonto, phambili! Hhlaselani!" Uzokwengamela kanjalo-ke. Lokho kwakungukuqeqeshwa kwakhe.

Kodwa wathi, "Ngizosebenzisani na?"

Wathi, "Unani esandleni sakho na?"

154 "Induku." UNkulunkulu wenza izinto ezihlekisa kakhulu ngezinye izikhathi, emqondweni womuntu. Niyabo? Waphatha induku ngesandla sakhe. Ubuhwanqa bulenga. Eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Umkakhe esemnyuzini; umfanyana ehlezi enqulwini yakhe. Ezincane, izingalo ezindala ezithecezelayo zilenga; induku. Ikhanda lakhe nje limi mpo, ngokuba wayeno ISHO KANJE INKOSI. Ngani na? Ekugcineni wayesethole ukubambelelisa okwehange.

155 Wayeyisiboshwa. "Ngizonyakaza kuphela uma iZwi linginyakazisa. Ngizokhuluma kuphela lapho iZwi likhuluma khona."

"Uyaphi na?"

156 "Nginokuthunywa okukodwa: ukuba ngime phambi kukaFaro futhi ngimkhombise, ngalenduku, ukuthi uNkulunkulu ungithumile." Amen.

"Uzokwenzani emva kwalokho na?"

"Uzohlinzeka into elandelayo, emva kokuthi ngenze lokhu."

157 Nakho lapho okhona. Unento eyodwa kuphela ukuba uyenze, isinyathelo sokuqala, kulobubusuku: zinikele, yiba yisiboshwa. Ungazicabangeli ngesingawe noma enye into ethize. Yiba yisiboshwa.

158 UMose uba yisiboshwa, wavuma ukuthi wayengakwazi ngisho nokukhuluma. Ekugcineni, ngenkathi uNkulunkulu esemthole waba sesandleni saKhe, lapho ayenganyakaza khona kuphela lapho uNkulunkulu ayemnyakazisela khona. Lapho, Wamtshela iZwi. Wayazi ukuthi kwakuyiZwi, khona-ke wazinikela eZwini. NoMoya oNgcwele lapho, uNkulunkulu, wafaka uMose amahhanisi entandweni kaNkulunkulu.

159 Leyo yinto efanayo Ayenze kuPawulu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wafaka uPawulu amahhanisi; elincane, elinekhala eligwegwile, iJuda elibhuqayo, o, enePh.D. noLL.D. kubhalwe yonke indawo kuye. Kodwa Wathi, "Ngizomkhombisa ukuthi yini azoyihlushelwa ngenxa yeZwi." Niyabo? Futhi u . . .

160 Kwase kuthi-ke uPawulu ehlezi lapho futhi ebona iZwi, futhi ebona ukuthi lowo kwakunguJesu, khona-ke waphakamisa izandla zakhe wayeseba ngofakwe amahhanisi kuYe. Uthando lukaNkulunkulu lwamfaka amahhanisi eZwini. "Uzophatha iGama laMi phambi kwabeZizwe." Waya lapho-ke.

161 "Mose, NGINGUNkulunkulu wawoyihlo. NGINGUNkulunkulu kaAbrahama, uIsaka, nokaJakobe. Ngiyakhumbula Ngabethembisa, nesikhathi sesithembiso sesiseduze. Futhi Ngiyazibona izinhlupheko zabantu baMi. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi. Futhi Ngehlile ukuba ngikufake amahhanisi. Uyazi ukuthi iZwi lathini. Ngikufake amahhanisi ukuba wehlele lapho, ngakufaka amahhanisi ngamandla, ukuba wehlele lapho futhi ukhulule abantu baMi. Futhi uphathe leyonduku ngesandla sakho, njengofakazi, ngoba ubone isimangaliso senziwa yiyo." NjengoDavide nje, ngendwayimane. Niyabo?

162 Wafaka amahhanisi, qobo lwakhe, futhi wehla. Ekugcineni, uNkulunkulu wayenendoda eyayiMthobela, isifakwe amahhanisi kuYe, futhi yayingenakunyakaza yaze yanyakaziswa yiZwi likaNkulunkulu. Ukuba abantu bebezokwenza lokho nje, namhlanje! Manje-ke, wayeyisiboshwa saKhe,

isiboshwa sothando, siboshelwe ejokeni esibophweni sothando, no—noNkulunkulu, njengoPawulu wayeboshelwe ejokeni esibophweni sothando kuNkulunkulu.

163 NjengoPawulu nje, bobabili beqeqeshwe ngendlela efanayo. UMose eqeqeshiwe, niyazi, ukukhulula abantwana bakwaIsrayeli ngamandla empi. UPawulu waqeqeshelwa ukubakhipha ezandleni zamaRoma futhi abakhulule, ngamandla akhe ayimpoqo amakhulu ezobufundisi ezweni ngalolosuku. Izikole ezinkulu zokuqeqeshwa, uqubuka phansi kukaGamaliyeli.

164 Futhi bobabili baya ogwadule; babuya sebengamadoda ahlukile. Bobabili babona iNsika yoMlilo. Futhi bobabili babengabaprofethi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bobabili, abaprofethi. Futhi bobabili wakhulunyiswa yiNsika yoMlilo, kunjalo impela, bezela ukuba ngumkhululi. Babelapho; baya ogwadule. Bashiya amakhaya abo base beya ogwadule, ukuba bayothola. Bashiya abantu bakubo nayo yonke into, ukuba bathole intando kaNkulunkulu. Niyabo?

165 Babeqeqeshwe ngendlela eyodwa; uNkulunkulu wabaguqulela kwenye. Futhi babefanele babe yisiboshwa esiphelele, ukuba bangenzi ngendlela ababefuna ukwenza ngayo, kodwa benze ngendlela uNkulunkulu ayebafuna benze ngayo. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

166 Sisenayo eminye imizuzu eyishumi lapho, ukwenza laba na? [UMfowethu Neville uthi, "Amen."—Umhl.]

167 Ngizofinyelela komunye umlingiswa ngokushesha. Ngibona oyedwa phambi kwami manje. Igama lakhe nguJosefa. Wayeyindodana ekhethiwe. Wayengumfanekiso ophelele kaJesu Kristu. Wazalwa engumprofethi. Wayengumprofethi, naye. Niyabo? Futhi manje wayekwazi ukubona umbono. Futhi ngenkathi esengumfanyana nokho, wabona umbono ngaye uqobo ehlezi esihlalweni sobukhosi, nabafowabo bemkhothamela. Niyabo? Kodwa bhekisisani. Uba . . . Wazizwa sengathi wayengumfo omkhulu. Niyabo? Bonke . . .

168 Kodwa uNkulunkulu wadingeka enzeni na? Wenze into efanayo Ayenza kubo bonke abanye. Ngoba, uMose wayengumkhululi, uPawulu wayengumkhululi, futhi manje uJosefa wayengumkhululi. Wasindisa abantu bakubo endlaleni.

169 Wadingeka enzeni uNkulunkulu kuye na? Wamfaka etilongweni, wamfaka ngqo etilongweni. Yebo, mnumzane. Khumbulani, wathengiswa ngabazalwane bakhe, kumGibhithe. Futhi bamthengisa kuPotifari. NoPotifari umnika inkululeko encanyana, futhi, into yokuqala niyazi, leyo yasuswa kuye. Futhi nango ehlezi etilongweni, ekhala, ekhala. UNkulunkulu wadingeka akuhlubule.

170 Manje qaphelani. Kodwa, sonke isikhathi, ngiyakholwa, yena, ekulelotilongo, wayekhumbula ukuthi umbono

wathi wayezohlala esihlalweni sobukhosi, nabafowabo wayezomkhothamela, ngoba wayazi ukuthi isiphiwo sakhe sivela kuNkulunkulu. Futhi wayazi ukuthi sasifanele sifezeke.

171 Ukuba kuphela besingakugcina lokho emqondweni wethu, nangokweZwi likaNkulunkulu, ukuthi ngalezizinsuku zokugcina Uzoba neBandla, Uzoba nabantu. Nalezizinto Azethembisa, Uzozenza. Wathi Uyozenza, futhi siphila esikhathini. Silapho. Uzama nje ukuthola thina ukuba sibe yiziboshwa zangempela manje, sikhiyelwe naYe.

172 Nilizwile leloculo elidala eniliculayo, "Futhi manje-ke ngizivalele noNkulunkulu"? Ngifuna ukuvalelwa noNkulunkulu. Manje, yilapho engicabange khona ngalokhu. Ngokuvalelwa noNkulunkulu, lutho olunye, futhi unyakaza kuphela uma uNkulunkulu ethi nyakaza. Wenza kuphela njengoba ethi uNkulunkulu yenza, niyabo, khona-ke uvalelwe noNkulunkulu.

173 Manje khumbulani, wayecabanga. Waba futhi ngukwehluleka nya, kuye uqobo. Konke lokho ayekwazi, konke lokho ayekuqonda, nayo yonke into, uba ngukwehluleka nya. Akusebenzanga. Wafakwa phansi kwesimo ukuya lapho ekutheni akukho-muntu owayemlalela. Wayeyisiboshwa. Niyabo? Wafakwa esimweni, ukuthi abangakholwa babengezukukholwa. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Inkonzo yakhe yayingasebenzi. Abantu baphendula ikhanda labo. Babengamnaki etilongweni. Yayizosiza ngani inkonzo yakhe na? Wayengahle ame emigoqweni yetilongo futhi abashumayeze; babehla ngomgwaqo. Niyabo? Kodwa uba yisiboshwa. NoNkulunkulu wamgcina, eyisiboshwa, isondo laze lathola ukuthi liphendulwe kahle. Wathi, "Nansi indoda yaMi." Udumo! Ukwehluleka nya!

174 Ekugcineni, uNkulunkulu weza kuye esetilongweni lakhe. NjengoPawulu, njengabo bonke abanye, Weza kuye. Futhi Wasebenzisa isiphiwo Ayemnike sona, ukumkhipha lapho. Kunjalo. Wamkhipha etilongweni lakhe. Wenzani na? Wathi nje Angamkhipha etilongweni lakhe, waphiwa amandla yinkosi, inkosi yakhe, ukuthi wahlala eceleni kwayo, ayephansi kwayo. Wakhishwa endlini yetilongo futhi waphiwa amandla; kwaze kwathi, noma yini ayisho, yayifanele yenzeke. Amen.

175 Etilongweni lakhe, wayekhumbula njalonjalo, wazalelwa inhloso. Wayezohlala eduze kwenkosi. Bonke abanye babo wayezoguqa ngedolo kuye. Umbono wakhe wamtshela kanjalo. Amen. Kodwa ngaphambi kokuba umbono wakhe ukwazi ukugcwaliseka ngokuphelele, wayebe yisiboshwa. Amen. Futhi manje-ke uba ngumbusi. Futhi ngenkathi ephuma endlini yakhe yetilongo, futhi uba yisiboshwa seZwi likaNkulunkulu, ukuthi wayekwazi kuphela ukusho lokho uNkulunkulu ayekufake

emlonyeni wakhe ukuba akusho, khona-ke uNkulunkulu wahamba ngaye.

176 Qaphelani, ukuthi uMose wayenamandla okubopha amakhosana kaFaro, ngokuthanda kwakhe uqobo. "Uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka.'" Wayenamandla okubopha amakhosana kaFaro. Noma ngabe ayengabadikoni, noma amagosa, noma angabamele bakahulumeni noma ngabe ayeyini. Wathi, "Ngiyanibopha," futhi ayeboshwa. Kwakuyilokho. Wayekwazi ukukwenza ngezwi lakhe uqobo, ngenjabulo yakhe uqobo. Amen. Udumo kuNkulunkulu!

O, cishe ngiseneminye nje imizuzu emithathu. Ngiyaligcina izwi lami.

177 Manje siyathola, ukuthi u—uba yisiboshwa kuNkulunkulu, esuka ekubeni yisiboshwa ezweni. Esuka . . . uPawulu, indlela efanayo. NoMose, indlela efanayo, esuka ekubeni yisiboshwa ekucabangeni kwakhe uqobo, kuya ekubeni yisiboshwa kuNkulunkulu. Futhi ngenkathi ephuma, wayenamandla kaNkulunkulu. Futhi ngenkathi eba nguPawulu . . . Ngenkathi ukucabanga okudala, kukaMose, wakunikela futhi wahlutshulwa khona, uba yisiboshwa eZwini likaKristu. Wayekwazi ukunyakaza kuphela nomaphi lapho . . .

"Wena uthi, 'uKristu'?"

178 "Wathi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo yaseGibhithe." Ngakho wayeyisiboshwa kuKristu, njengoba nje uPawulu wayenjalo.

179 Khumbulani, bonke bobathathu babengabaprofethi. Niyabo? Futhi babefanele bahlutshulwe ukucabanga kwabo uqobo, ukuze babe yisiboshwa entandweni nezindlela zikaNkulunkulu.

180 Manje-ke siyakhumbula, manje, ukuthi wayenamandla okubopha, ngezwi lakhe uqobo. Wayenamandla okukhulula, ngezwi lakhe uqobo. Wayengathi, "Ngiyakukhulula, egameni lenkosi yami." Amen. UFaro wenza uJosefa waba yindodana yakhe.

181 UKristu wenza ezaKhe, iziboshwa zothando, amadodana aKhe. Futhi Uwapha amandla, into efanayo Ayenayo. UJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, niyabo, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza. Ngisho neminingi kuna lo uyakuyenza." Manje isiboshwa sothando lukaKristu siba ngesiphiwe amandla yiNkosi yaso, EnguKristu. Amen. "Futhi ngiqinisile Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwa ukuthi enikushilo kuzofezeka, nizoba nakho enikushilo. Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini; uma niboshelwe ejokeni kiMi," ngoba Yena neZwi laKhe uyafana. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Nguyena izolo, namuhla, naphakade!

Uma nihlala kiMi," hhayi phakathi *lapha* na *lapho*. "Nihlala kiMi, neZwi laMi likini; celani enikuthandayo, noma nisho enikuthandayo, niyakwenzelwa khona." Wayenamandla.

182 Qaphelani, ngaphambi kokuba aphume, wayefanele akhishwe futhi aphucwe. Izinto ezimbalwa zazifanele ziphucwe zisuswe ngaphambi kokuba ahlangane nenkosi yakhe. Niyabo?

183 O, uNkulunkulu ngezinye izikhathi ukhipha abantu baKhe kanjalo, futhi aphuce asuse ezimbalwa zezintando zabo uqobo, abakhombise ukuthi bangeke nje benza abebefuna ukukwenza. Niyazi ukuthi ngichaza ukuthini. A—abekho enkululekweni ukuba benze abafuna ukukwenza. Ngaphambi kokuba bangene ngokugcwele emandleni futhi babe yisigqila sothando kuKristu, bafanele baphucwe kususwe bese bethulwa-ke. Ngezinye izikhathi Ubayisa ogwadule, ukwenza lokho, ukuba abaphuce kusuke. Bese ebakhipha-ke, ogcotshiwe, ukugcwalisa inhloso Abagcobele ukuba babe yiyo. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

Bazalwane, sisesikhathini sokuphela.

184 Khumbulani, zonke ezinye izikhathi, Akwenzile. Ubehlala njalo edingeka ukuba athathe indoda futhi ayenze isiboshwa kuYe, ishiye okungokwayo. Yadingeka ishiye yonke into eyayiyazi, ikhohlwe yikho konke okokuqeqeshwa kwayo okuningi, yonke into, ukuze yazi intando kaNkulunkulu, nokulandela uNkulunkulu.

185 Ingeke yalandela noma yini indoda ezoyenza, noNkulunkulu, isikhathi esifanayo. Kuphambene kakhulu, okunye kokunye. Ungeke waya empumalanga nasentshonalanga ngesikhathi esifanayo. Ungeke waya ngakwesokudla nangakwesokunxele ngesikhathi esifanayo. Ungeke wenza okulungile nokungalungile ngesikhathi esifanayo. Ungeke walandela indoda noNkulunkulu ngesikhathi esifanayo. Qhabo, mnumzane. Kuphakathi kokuthi ulandela uNkulunkulu noma ulandela indoda.

186 Manje, bese-ke, uma ulandela uNkulunkulu futhi wazinikela wena uqobo kuNkulunkulu, bese-ke uba yisiboshwa kulowoNkulunkulu, kuleloZwi, kuleyontando. Akunandaba ukuthi noma yini enye ithini, uba yi—yisiboshwa kuLo.

187 Lalelani. Sisesikhathini sokuphela. Futhi ngingasho lokhu ngokuzithoba nenhlonipho, njengoba imizuzu yokugcina ethi ayibe mibili isintanta yedlula. Bukani. Lokho uNkulunkulu, ngowami umbono, azokwenza futhi afanele akwenze, nazokwenza ngalolusuku lokugcina, ngukuthola ithuluzi lesivuno. Uzofanele athole ithuluzi, ukubhula iphansi lendlu. Noma yimuphi umlimi, uma eya esivunweni sakhe, uzofanele abe nethuluzi lokukwenza ngalo; impela, uzofanele abe nesikela elibukhali noma into ethize, ithuluzi lokusebenza elithize, ukubhula okusanhlamvu. Nesivuno sivuthiwe.

188 Nkulunkulu, sithathe usifake esandleni saKho. Senze sibe yizinceku eziyisibopho sothando lwaKho. Sisebenzise sibe yithuluzi, ukuletha ukuqonda kulona onesono, umhlaba oqalekisiwe esiphila kuwo namhlanje, ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

189 Ngesingami, Nkulunkulu, mangibe yisiboshwa. Uma bonke abazalwane bami bengala, uma bonke abangani bami bengala, ngifuna ukuba yisiboshwa sikaJesu Kristu neZwi laKhe, ukuze ngifakwe amahhanisi eZwini laKhe, ngoMoya oNgcwele, ukubona uMoya oNgcwele wenza iZwi likaNkulunkulu liqiniswe ngezinto ezifanayo Athi ziyokwenziwa. Ngifuna ukuba yisiboshwa sikaJesu Kristu.

Asikhuleke.

190 Angazi noma, kulobubusuku, namakhanda ethu ekhotheme, uma leyompokophelo esinayo, yokuba ngenye into ethize, noma mhlawumbe yento ethize esingahle siyicabange, ibe yinto engukuzazisa, angazi noma besingeke yini nje sathi ukuyibeka eceleni leyo.

191 Angazi noma omunye umfana osemncane lapha, kulobubusuku, aqalaze, athi, "Ngizoba nguye, uma sengikhulile, ngizoba yinto *ethize-thizeni*." Angazi noma ubungayizwa yini intando kaNkulunkulu inyakaza empilweni yakho, futhi ithi, "Qhabo, qhabo. Hhe-e. Ngi—ngi . . . Izimpokophelo zami sezilahlekile manje. Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, uMoya oNgcwele ubukhuluma kimi. Ngi—ngi—ngi—ngifuna ukuzinikela kuNkulunkulu, ukuba ngibe yithuluzi lokusebenza lokubhula lalolusuku lokugcina."

192 Enye intombi engahle ibe nezimpokophelo zesimilo senenekazi elikahle, noma—noma mhlawumbe kube amakhosazana amahle amancane, noma mhlawumbe suku lumbe wenze iHollywood ibe ngumsebenzi wakho owufundele, a—angazi noma awuvumi yini manje ukunikela impokophelo yakho eBukhoneni bukaNkulunkulu neZwi laKhe, uzwe ubizo lukaNkulunkulu empilweni yakho uqobo. UNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani.

193 Angazi noma angabakhona yini umfundisi oseduze, noma inceku, isisebenzi ndawondawo ebandleni. Ngingena lapha nje, kanye ngasikhathi. A—angazi oyedwa kwabathathu babantu abahlezi lapha, kulobubusuku, kodwa ngi . . . lenqwatshana encane elapha. Angazi noma ubengaba khona yini umuntu onjalo, ukuthi ubungavuma ukuba uthi, "Angikhathali ukuthi noma ubani omunye uthini. Sengiyisigqila sikaNkulunkulu manje. Ngi—ngi—ngizoshumayela iZwi laKhe, kungakhathaleki. Angikhathali ukuthini, inhlangano yami—yami iyangixosha, ngisazolokhu ngihlala naleloZwi. Ngi—ngizokwenza. Intando yami iyintando kaNkulunkulu. Intando kaNkulunkulu eyami.

Ngizoba yisiboshwa kuJesu Kristu. Ngomusa waKhe nosizo, ngizokwenza."

194 Kucabangeni, sisakhothamise amakhanda ethu. Bangaki onaleyompokophelo, kulobubusuku na? Ungasiphakamisa isandla sakho. Leso esami, nami. Nginikela konke. Namakhanda ethu ekhotheme manje, kancane manje, njengoba nikucabangisisa manje, njengoba nikhuleka.

Nginikela konke,
Nginikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

Nginik-. . .

195 Nikusho ngempela na? "Ngifuna ukuba yisiboshwa. Ngi . . . Ngithathe, Nkosi. Ngehlisele endlini yoMbumbi, kulobubusuku. Ngibhidlize konke, bese ubuye uyangibumba futhi, ezansi lapha."

KuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

196 Baba wethu waseZulwini, njengoba iculo liqhubeka ukuba lidlale, ngicabange ukuthi kungaba nenzuzo enkulu kakhulu ngalesisikhathi, ukuthi ngi—ngizongenela eculweni futhi ngikhulume kuWe umzuzwana nje. Njengoba abantu bayacabanga, "Nginikela konke," Baba, kwangathi singakwenza lokhu, nokunjengalokho sengathi leli yithuba lethu lokugcina lokuba sikwenze. Asize ngobuqotho, size etafuleni leNkosi, njengoba kwakunjalo, nezingubo ezigeziwe, imiphefumulo egeziwe, izintando ezigeziwe, izimpokophelo ezigeziwe, ukuba sizinikele thina uqobo.

197 Futhi uNkulunkulu akathathe iZwi laKhe, asibophele ejokeni ndawonye naLo, iZwi likaNkulunkulu. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungasithatha manje, njengoba sizwa ijoka lithi qhwaba ligaxwa ezinhliziyweni zethu, "Kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngikuthatha ezwini lakho. Manje ungacabangi ukucabanga kwakho uqobo. Cabanga imicabango yaMi. Cabanga intando yaMi. Ngizokuhola." Nkulunkulu, siphe ukuthi kuzoba yisehlakalo kithi sonke.

198 Lababantu abasha behlezi lapha; umyeni nenkosikazi; nabanye bezoba umyeni nenkosikazi. Kunamadoda asekhulile ahlezi lapha, lowo ngabefundisi, kade besemgwaqeni. Futhi, Nkosi, nangu uMfowethu Neville, mina, uya phezulu le ngelada. Izinsuku zethu seziyabalwa manje. Izinyathelo zethu sezenziwa zicophelele kakhulu kunalokho esazenza khona. Siyabhekisisa lapho esinyathela khona. Asinjengokungakhubeki, sikhuluma ngokomzimba, njengoba sake sanjalo. Kodwa, Nkosi, njengoba sibona ukuthi impilo esazokufa iyafiphala, futhi akukhonazinye zezinyathelo zethu eziqinisekile ngaphandle kwaKho unesandla sethu.

199 Manje, Nkulunkulu, sithathe, Uzosithatha na? Thatha izinhliziyo zethu nentando yethu kube sesandleni saKho uQobo, futhi masibe yiziboshwa, kulobubusuku, eZwini, kuKristu. Kwangathi singaphila izimpilo zokumesaba uNkulunkulu lapha. Kwangathi laba besifazane, lezizintombi, lezizinsizwa, abafana namantombazane, banikele impilo yabo, Nkosi. Futhi kwangathi impokophelo yabo ingaba yimpokophelo ukukhonza uJesu Kristu. Futhi masibe yisiboshwa somusa waKhe wobuNkulunkulu nentando. Siphe khona, Nkosi.

200 Yilokho kuphela engikwazi ukukwenza, Nkosi. Lamazwi amancane ephukile, futhi nge—ngethemba ukuthi Uzowahlanganisa ndawonye, ngokuyikho. Imbangela, kuyashisa phakathi lapha, nabantu bafuna ukulalela, kodwa kufudumele ngempela. Futhi abaningi bazodingeka baye ekhaya futhi baye emsebenzini kuse eli. Kodwa kwangathi lezozimbewu zingabekwa enhliziyweni yabo nje, "isiboshwa."

201 Baye ekhaya bese bethi kunkosikazi, njengoba be. . . ngaphambi kokuba balungiselele ukuguqa phansi futhi bakhuleke, kulentambama, noma kulokhu ukuhlwa, ngaseceleni kombhede, babuke ngale komunye nomunye, bathi, "S'thandwa, uthini ngalokho, kulobubusuku na? Ngabe sesibe yiziboshwa ngempela kuKristu nentando yaKhe, noma—noma ngabe sisebenza ngentando yethu uqobo na?"

202 Kwangathi izinsizwa nezintombi, ndawo zonke, ikakhulukazi labo ozwe uMlayezo, kulobubusuku, bazibuze lowombuzo ofanayo, "Ngabe ngiyavuma ukuba yisiboshwa, ngishiye ukuphila kwami uqobo na?"

203 "Osindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho, kodwa oyolahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa yaMi uyakukufumana." Baba, siyazi, lokho ngukuthi: ngibe yisiboshwa saKho, silahlekelwe izimpokophelo zethu uqobo nezifiso zethu uqobo, ukuba sifumane ezaKho, khona-ke sinokuPhila okuPhakade. Siphe khona, Nkosi.

204 Into kuphela engiyaziyo, ngukukunikela manje esandleni saKho. Futhi kwangathi kungathela izithelo futhi kuveze amathuluzi amakhulu—amakhulu esivuno sosuku lokugcina, abesilisa nabesifazane, abafana namantombazane, bazinikele entandweni kaNkulunkulu ephelele, futhi babe yiziboshwa zikaJesu Kristu, othandweni lwaKhe, baboshwe ngezibopho zothando lobuNkulunkulu kuKristu. Sikucela eGameni laKhe.

Nginikela konke,

Asime.

Nginikela konke,
Konke kuWe, wami. . .?. . .

205 Asikusho nje lokho futhi, namehlo ethu ecimezile nezandla zethu ziphakeme.

Nginikela konke,
Nginikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

206 Manje, uma sizokhothamisa amakhanda ethu, futhi ngaphambi kokuba iculo lokusikhipha liculwe, elithi *Hamba NeGama LikaJesu*. Ngizocela ukuthi—ukuthi lomfowethu lapha . . . ngiyalikhohlwa igama lakhe. Udade ofakaze ngombono wobumnyama uza neno, owaphiliswa. Futhi khumbulani, ebuka emuva, iveyili yayingasekho. Ukukholwa kwakhe kwenza lokho. Sikhiphe ngomkhuleko, ungakwenza, mfowethu na? Futhi ucele izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwethu.

